# Contents


Umbono Wokuqala Wabezindaba Mayelana No-Kahlil Gibran ..... 5

Amazwi Esingeniso ..... 7

Foreword to Umphrofethi ..... 7

Okuphathelene nemidwebo kanye nomdwebi ..... 9

Umlayezo Ngentshisekelo Yokuchaza Le Ncwadi ..... 11

Ukufika Komkhumbi ..... 15

Khuluma nathi ngothando ..... 20

Ngomshado wabe esephendula ethi ..... 24

Khuluma nathi ngezingane ..... 26

Ngomshado wabe esephendula ethi ..... 26

Khuluma nathi ngokupha ..... 28

Ake ukhulume nathi ngokudla nangokuphuza ..... 30

Ake ukhulume nathi ngomsebenzi ..... 31

Khuluma nathi ngenjabulo nosizi ..... 33

Khuluma nathi ngezindlu ..... 34

Khuluma nathi ngezingubo zokugqoka ..... 36

Khuluma nathi ngokuthenga kanye nokuthengisa ..... 37

Khuluma nathi ngecala kanye nesijeziso ..... 38

Kodwa kuzothiwani ngemithetho yethu mphathi ..... 42

Khuluma nathi ngenkululeko ..... 44

Khuluma nathi ngesizathu nentshisekelo ..... 46

Sitshele ngobuhlungu ..... 47

Khuluma nathi ngokuzazi wena uqobo ..... 50

Khuluma nathi ngokufundisa ..... 51

# Umbono Wokuqala Wabezindaba Mayelana No-Kahlil Gibran

*"Amandla akhe avela echibini elikhulu lempilo yomphefumulo, kungenjalo ngabe le ndaba ayifinyelelanga umhlaba wonke jikelele, amakhulu kangaka wona amandla.*

*Ubuhle nobukhulukazi bolimi ayigqokise ngalo, kuwukwenza kwakhe konke loko."*

*– Claude Bragdon*

# Amazwi Esingeniso

## Foreword to Umphrofethi

In our culture as people of the heavens, it is considered as the greatest bestowal to be granted the gift of giving voice to the perceived silence of the stars because of their distance.

This is a divine blessing of the highest order. Few people are naturally imbued with this capacity to narrate the episodic unfolding of the human story beneath the vast cosmic canopy.

This natural endowment often expresses itself through enhanced abilities in the fields of poetry, music, dance and the visual arts. Lu Dlamini is blessed with the braided gift of all these creative expressive forms. So, it is a natural consequence for her to take on the task of translating Khalil Gibran's divinely inspired narrative.

Dlamini's insights in sharing this universal knowledge through the indigenous wisdom contained in the tongue of our mothers emanate from the same reservoir of spiritual permanence as Gibran's original text. They share the same root of poetic magnetism, which is the purest form of expression.

It is encouraging, against the backdrop of the ubiquity of intolerance of cultural difference in our world, to encounter the kind of cross-cultural magnanimity that Dlamini reflects in her recognition of idiosyncratic nuances across the spread of the Nguni language/s. This particular sense of generosity and openness of consciousness in her embrace of the other is clearly a consequence of her royal lineage accentuated by the fact of emerging from the legacy of the uMkhomazi River, whose source is in the Drakensberg Mountains (Izintaba zoKhahlamba).

The composition of this book is further ennobled by the beautiful art of Zamani Makhanya. Each piece is sublime in its execution and serves to intensify the poetic delectations of the text and the inherent beauty of the author's vision.

This translation by Lu Dlamini is a timely gift of immeasurable proportions to her people. She is unequivocal in her offering, as articulated in her appeal to her readers: "Fundani le ncwadi, niyidlulisele nakwabanye njengesipho sengqondo nenhliziyo ejulayo ngomcabango.

Nginifisela nonke Injabulo nenhlakanipho."

In thanking her for the gift to us, I too encourage you to enjoy and absorb the wisdom contained herein.

**Eugene Skeef**

https://eugeneskeefrhythmforlife.wordpress.com/
https://eugeneskeef.com/
https://twitter.com/eugeneskeef
http://www.facebook.com/eugene.skeef

# Okuphathelene nemidwebo kanye nomdwebi

Imidwebo ekule ncwadi ingumsebenzi kaZamani Makhanya.

UZamani ungelinye lamagagu avelele akuleli zwe laseMzansi ngemidwebo yakhe evelele nexoxa kabanzi ngendaba yesimo sempilo yomuntu emhlabeni.

Ungumdwebi futhi aphinde afundise ukudweba. Loku kumenza abe ngomunye wamaciko abaluleke kakhulu emphakathini wethu ukuba nomuntu ofundisa ukuxoxa indaba ngale ndlela futhi kube umuntu osaziyo isimo sezwe kanye nesomhlaba wethu.

UZamani Makhanya ufundisa kwesinye sezikole ezibalulekile zalapha eMzansi, izikole ezisebenzisa ukudweba ngenjongo yokuthola umphumela onjengekhambi lokwelapha.

Le midwebo oyibona kule ncwadi, ingamaculo nezinkondlo zamehlo kulabo abathi noma bebona kodwa babe bengezwa.

Le midwebo iyimibono yakhe ngokuhlobana nosiko lwase-Afrika, ubuhlobo nokuzwelana nesiko lomhlaba wonke jikelele. Inkolelo yomuntu ngomphefumulo wakhe kanye nezimo zempilo ezihlukumeza nengqondo.

Landela imisebenzi yakhe kuleli kheli elingaphansi.

**Zamani Makhanya:**

https://www.lifewithart.com/artists/zamani-makhanya.html

# Umlayezo Ngentshisekelo Yokuchaza Le Ncwadi

Besengikhulakhulile uma ngihlangana nale ncwadi ethi "The Prophet", ebhalwe u-Kahlil Gibran wasePheshiya (*Persia*). Njengomuntu okhule ngesikhathi kungekho kakhulu okunika ithemba nokucebisana ngempilo yokwakubhalwe ngezilimi zesintu. Ngahalela ukuthi sengathi le ncwadi ingabhaleka nangezilimi zalapha eMzansi.

Ngazithembisa ukuthi ngiyosifeza lesifiso ukuze nabangalukhulumi ulimi lwesiNgisi bezwe ngomnotho oqukethwe yile ncwadi. Ngizwile-ke futhi ngaphinde ngaboniswa ukuthi zikhona izincazelo ngezinye izilimi esezike zaba khona ngaphambilini, njengalena yesiZulu echazwe umhlonishwa uSolwazi u DBZ Ntuli yona iphume ngonyaka we 1983. Nganginеminyaka eyishumi nanhlanu kushicilelwa u"Mpholofethi"okuyindlela uSolwazi ayibiza ngayo le ncwadi kodwa umcebo wayo ngize ngawuzwa manje senginamashumi amahlanu nantathu eminyaka.

Ekuyifundeni kwami incazelo kaSolwazi ngathola amanoni empilo nezifundo ezingenza umuntu ophila kulezi zikhathi zethu abe nenjongo eqondile ngempilo. Ngaqaphela futhi nenhlonipho yolimi abeka ngayo ayisekho enkulumweni yabantu bansuku zonke.

Nize ningixolele uma amanye amagama engiwasebenzisile kungesiwona ajwayelekile esigodini sangakini, noma mhlawumbe angasho okwaziyo ngokwesintu osijwayele, ngenxa yezigodi nokwakhelana kwezilimi zemvelo luyakhula ulimi. Kodwa engingakugcizelela ukuthi, noma ubani okhuluma olunye lwezilimi zesiNguni noma ezisondelene kakhulu nolunye lwazo, ikakhulukazi abalapha eMzansi Afrika kulula ukuqonda okubhalwe kule ncwadi. Ingxubevange nami engikhula ikhulunywa. Mina ngizalelwe endaweni yaseMagabheni okuyindawo yaseMkhomazi, ime nje ubuqamama bungangamakhilomitha amane uma usuka

ngasolwandle. Le ndawo yakhelwe enhliziyweni yomhlaba abathi ngowendabuko okusho ukuthi ungowamakhosi. Ngikhule ibizwa ngokuthi kukaZuba noma kuseDanganya. Uma seyiyonke le ndawo sekuhlangene nedolobhana layo, ibizwa ngoMkhomazi okuyigama lomfulakazi waku le ndawo, omlomo wawo usezintabeni zokhahlamba *(Drakensberg Mountains*). Lo mfula ugeleza uze uyochithekela olwandle lawo Umkhomazi okuyidolobha elincane eliseningizimu netheku.

Leli phela yilona dolobha lokuqala lokufikelwa abahambi ngemikhumbi ephuma kude, futhi kwakuyiyona ndawo yokufikela kwemikhumbi kuqala kuseyi koloni yaseNatali *(Natal Colony*), singekabikhona lesikhungu semikhumbi esikhona manje sedolobha laseThekwini esibizwa ngokuthi isemtateni *(Durban Harbour).*

Le mikhumbi yayithutheleka lapha nje ngoba kwakwakhiwa le nkampani ekuthiwa i-Sappi Saiccor nayo esamile nesihogo sentuthu yaso phezu kwawo lo mfula wokuzalela izinkomo zamanzi, le nkampani yona yakha iphepha. Ukufika kwabakhi bale nkampani okwandisa usiko lesiNtaliyane nesiNdiya kule ndawo. Mhlawumbe nje nomkhumbi wale nsizwa yasePheshiya (*Persia)*, engumbhali wale ncwadi esipha isifundo esikhulu sempilo, kwamkhumbi wayo nawo sewake wafikela kule ndawo. Nezibongo, namasiko ahlukahlukene aseMzansi Afrika kanjalo nawo aqoqelana kule ndawo ngomsebenzi.

Yiloku kuxubana kwamasiko okwenza ukuthi nezilimi zesiNguni zixubane, nathi esikhulela lapha kule ndawo sagcina sesikhuluma yona le ngxubevange emnandi okuyiyona esikhumbuzayo ngobunye bemvelo yethu. Fundani le ncwadi, niyidlulisele nakwabanye njengesipho sengqondo nenhliziyo ejulayo ngomcabango.

Nginifisela nonke injabulo nenhlakanipho.

Sengathi izinsuku zenu zenjabulo zingathi uma zifikile nihleke uhleko oluphelele.

Nezinyembezi zenu uma ziwa maziwe zonke kodwa zingaluweli ubala, mazihlale ziwela ezandleni ezinomusa, zibike njalo usuku olusha lwempumelelo, injabulo eneqiniso elimsulwa.

# Ukufika Komkhumbi

U-Almustafa okhethekileyo nothandekayo waba wukukhanya kokuqala kosuku lwakhe, phela wayeselinde iminyaka eyishumi nambili kuleli dolobha lase-Ofalese (Orphalese), elindele umkhumbi wakhe okwakumele ubuyele kule ndawo bese umthatha umphindisele emuva esiqhingini ayezalelwe kusona.

Kulo nyaka weshumi nambili, osukwini lwesikhombisa enyangeni ebizwa ngokuthiwa I leluli (Lelool), okuyinyanga yokuvuna, u-Almustafa wenyuka igquma elingaphandle kwezindonga zedolobha wabheka ngasolwandle. Washo wawubona umkhumbi wakhe uza enkungwini, ngaso leso sikhathi amasango enhliziyo yakhe asho avuleka, nenjabulo yakhe yandiza yeqa ulwandle.

Wabe esevala amehlo wathandaza ekujuleni komphefumulo wakhe.

Kodwa uthe esehla egqumeni, ukudumala kwasho kwamengamela, ecabanga ngenhliziyo wathi; "Ngingahamba kanjani kule ndawo ngoxolo futhi ngingenakudabuka?

Cha, ngeke ngikwazi ukushiya leli dolobha kungenasilonda emoyeni.

Zibe zinde izinsuku zobuhlungu engazichitha phakathi kwalezi zindonga, kanye nobusuku obabubude besizungu; ubani nje ongasuka ezinhlungwini nasesizungwini sakhe kungekho ukuzisola?

Ziningi kakhulu izicucu zomphefumulo ezasakazeka kule migwaqo, kanti futhi ziningi kakhulu nezingane zoku rhala kwami ezihamba zihlubulile phakathi kwala magquma, kanti nami angikwazi ukuzixebula kubona ngaphandle komthwalo nobuhlungu.

Akuyona nje ingubo engiyihlubulayo kulolu suku, kodwa isikhumba sami lesi engisihlephula ngezami izandla, noma ngabe kuwumcabango engiwushiya ngasemuva, kodwa yinhliziyo eyenziwe mnandi ngendlala nangokoma. Okwamanje angikwazi ukuhlala isikhathi eside, ulwandle olubizela kulona zonke izinto

luyangibiza futhi kumele ngiqale ngigibele ngoba ukuhlala noma amahora eshesha nje ngobusuku, kuyefana nokuzigodolisa uze wome nke okwetshe libopheleke kokubunjiweyo.

Ngingajabula ukuthatha konke okulapha ngihambe nako, kodwa ngingakwenza kanjani loko?

Izwi alikwazi ukuthwala ulimi futhi alikwazi ngisho nokuthwala izindebe, zona lezi okuyizona ezilunika izimpiko. Kumele luzifunele lulodwa konke loko okuzolithuthuzela.

Thatha isibonelo okhozini, oluthi lulodwana lungahambi nasidleke salo, kodwa lundize lunqamule luyokweqa ilanga.

Uthe uma esefika ezithendeni zentaba waphenduka futhi wabheka ngasolwandle, washo wawubona umkhumbi wakhe usondelela emtateni, ngaphambi kwakhe ewabona amatilosi, amadoda ezwe langakubo.

Umphefumulo wakhe wakhalela kubo wayesethi:

"Madodana kamama wami wasendulo, nina enigibela igagasi, kukangaki nginibona niza ngomkhumbi emaphusheni ami? Naku manje niyafika ekuphaphameni kwami, okuyilona phupho lami elinzulu.

Sengikulungele ukuhamba kanti nesasasa likhona kimi lokuntanta ngomkhumbi nebandla eliphelele, silindele umoya.

Kuzoba ngenye inhlobo yomphefumulo engizowuphefumula kulo moya ocwebile.

Kuzoba ukujeqeza kanye nje ngehlo lothando emuva, bese ngiyeza ngizokuma nani phakathi kwenu, nami ngiyitilosi phakathi kwamanye amatilosi.

Wena lwandle olubanzi, mama olele, wena uwedwana uwuxolo nenkululeko emifuleni nasemitheleleni. Lizoba linye nje izombe elizokwenziwa yilo mfudlana, imvungamo eyodwana nje kuleli hlathi ngizobe sengiza kuwena. Ngize ngiyiconsi elingenazibopho, lolwandlekazi nalo olungenazibopho.

Uthe esethi uyahamba wabonela kude amadoda namakhosikazi beshiya izivande nezinsimi zabo begijimela ngasemasangweni edolobha.

Wabe esezwa namazwi abo ebiza igama lakhe, bememeza insimu ngensimu, betshela omunye nomunye ngokuza komkhumbi wakhe.

Wayesesho ebhekise kuyena uqobo; kungenzeka yini ukuthi usuku lokuhlukana kube yilo usuku lokuqongelela ndawonye?

Kungashiwo na ukuthi ubusuku bami yibona eqinisweni obekuwukusa kwami?

Pho ngingamnikani loyo oshiye insimu yakhe, washiya igeja lakhe phakathi nensimu, noma loyo osevele walimisa isondo lakhe lesigayo sewayini?

Usho ukuthi Inhliziyo yami kumele ibe njengesihlahla? Sona esithwele kanzima izithelo, kwazona lezo zithelo okumele ngiziqongelele ndawonye, ngiphinde ngizinikeze bona futhi?

Izifiso zami nazo usho ukuthi zingaphuphuma njengempophoma ukuze ngigcwalise izindebe zabo?

Kungabe ngiwuhabhu yini na, lona olulungiselwe ukuthintwa isandla salowo onamandla wonke, ngabe ngingumtshingo na, wona oyindlela yokudlula komphefumulo wakhe?

Kungabe ngiwumthungathi wokuthula yini? Kanti futhi yimuphi lo mnotho engiwuthole ekuthuleni ongigunyaza ukuthi ngingakwazi ukwabelana ngesibindi?

Uma lolu suku kuwusuku lwami lokuvuna, ngabe yiziphi lezi zinsimu engangihlwanyele imbewu kuzo, yiziphi izigceme zonyaka lezi ezingakhumbuleki?

Uma leli hora kuyilelo ekumele ngiphakamise ngalo isibani sami kuzobe kungewona umlilo wami ozobe uvutha lapho, elami ilambu ngoliphakamisa lingenalutho futhi limnyama.

Ongigadileyo ngobusuku uyoligcwalisa ngamafutha aphinde kwayena futhi alibase likhanye.

Lezi izinto wayezisho ephimisela amagama kodwa okuningi enhlizweni yakhe kwasala kungashiwongo ngoba kwayena uqobo wayengakwazi ukukhuluma ezakhe izimfihlo ezijulileyo.

Wathi uma engena edolobheni bonke abantu beza kuyena, bekhala ngezwi elilodwa.

Abadala bakuleli dolobha bema phambili base bethi:

"Ungasheshi usuke phakathi kwethu usishiye, ubile igagasi lantambama ebumnyameni bethu, ubusha bakho busipha amaphupho okuphushwa.

Awusona isihambi esingaziwayo phakathi kwethu noma isivakashi nje, kodwa uyindodana nothandekayo kithina. Ungasheshi uhlukumeze amehlo ethu ngokungakuboni, ungasenzi silambele ukubona ubuso bakho.

Abefundisi nabefundisikazi nabo bathi kuye, "Ungawavumeli amagagasi olwandle asihlukanise manje, ungenzi neminyaka oyichithe phakathi kwethu ijike ibe inkumbulo.

Uhambile phakathi kwethu ngokomoya, isithunzi sakho saba isibani ebusweni bethu. Sikuthandile kakhulu, kodwa uthando lwethu belungenamazwi, belugubuzelekile.

Kodwa manje lukhalela phezulu lukhalela kuwe, futhi luzokwambuleka okwesambulo phambi kwakho. Kwakudala vele uthando alukaze lubazi ubunzulu balo kuze kube yilapho kufika ihora lokuhlukana.

Nabanye bafika bezobongoza, benconcoza kodwa akabaphendulanga.

Wagobisa ikhanda lakhe nje, kwathi labo ababeme eduze naye babona izinyembezi zakhe ziwela esifubeni sakhe kwase kuthi yena nabantu baqhubekela phambili baya ngasesikweleni esikhulu esingaphambi kwethempeli.

Kwasho kwaphuma unkosikazi ovela endaweni engcwele, igama lakhe lingu-Almitra.

Wayengumuntu oboniswayo, loku kusho ukuthi wayekubona okusemfihlakalweni.

Umphrofethi wayibuka ngehlo lothando olunzulu futhi olunesihe lenkosikazi.

Phela kwabe kuwuyena lo nkosikazi owaba owokuqala ukumfuna futhi wakholelwa kuyena, ngosuku lwakhe lokuqala lo mphrofethi ezifikela kuleli dolobha labo.

le Nkosikazi yabe isimemeza ithi:

"Mphrofethi kaNkulunkulu, ngokulangazelela okujulile kudala waqala ufuna, uhamba amabanga ufunana nomkhumbi wakho. Manje-ke ufikile umkhumbi wakho, kudingeka ukuba uhambe.

Zijulile izifiso zakho ngomhlaba, izwe elisenkumbulweni yakho, eliyindawo yokuhlala nezifiso zakho ezinkulukazi, yilapho uthando lwethu lungasoze lwakubophelela noma izidingo zethu zikuvimbe.

Kodwa sicela loku kuwena ngaphambi kokuthi usishiye, sicela ukuthi ukhulume kuthina usitshele iqiniso lakho.

Thina siyolidlulisela ebantwaneni bethu, nabo balidlulisele kwababo abantwana, alisoze labuna.

Ekubeni wedwa kwakho, usibukile thina kanye nezinsuku zethu Kwathi ekuphaphameni kwakho walalela ukukhala nokuhleka kokulala kwethu. Manje ake usitshele ngobunjalo bethu. Usazise konke loko okubonisiweyo, loko okuphakathi kokuzalwa nokufa.

Waphendula uMphrofethi wathi, "Bantu base-Ofalese (Orphalese) yikuphi loko engingakukhuluma okuhlukile kunaloku okunyakaza lapho emiphefumulweni yenu?

Wayesethi u-Almitra kuMphrofethi:

## Khuluma nathi ngothando

Wabe esephakamisa ikhanda lakhe uMphrofethi u Almastafa ebheka kubantu, kwathula kwathi cwaka, nabantu basho bakuzwa nabo loku kuthula kubengamela.

Ngezwi elikhulu wathi, "Uma uthando lukucela, lulandele noma nje izindlela zalo zilukhuni futhi zenyukela, uma amaphiko

alo ekwanga, ncibilika kulo. Noma nje inkemba ecashile phakathi kwezimpaphe zalo ingakulimaza.

Futhi uma lukhuluma kuwe, kholelwa kulona.

Noma kokunye izwi lalo lingaphihliza amaphupho akho njengemimoya eqhamuka enyakatho, yona lena eshiya ingadi yakho kungathi iyimfucumfucu.

Ngoba noma uthando lukunika umqhele kanjalo luyakubethelela futhi.

Njengoba kungelokukukhulisa nakanjalo elokukugoba.

Noma seluphakeme ngamazinga akho, lupotoza antofontofo amagatsha akho avevezelayo elangeni, kanjalo luyokwehlela nasezimpandeni zakho luzishukumise ngalapho ezitibile ngakhona emhlabathini.

Njengezinyanda zikakolweni, luniqoqela kulona, lunibhula lunishiye ninqunu.

Luyanihluza ukuze lunikhulule emahlungelweni enu uqobo.

Luyakugaya ube mhlophe qhwa, lukuxove uze uvoveke bese likubeka emlilweni walo ongcwele ukuze nawe ube isinkwa esiyingcwele esenzelwe idili eliyingcwele lenkosi.

Zonke lezi zinto uthando luzozenza kuwena ukuze uzazi izimfihlo zenhliziyo yakho, yilolo lwazi olukujikayo ube isicucwana senhliziyo yempilo.

Kodwa uma ebugwaleni bakho ufuna kuphela nje Injabulo noxolo othandweni, loko kusho ukuthi kungabangcono kuwe uma ungazifihla ubuze bakho uphume ehluzweni lothando.

Buyela emhlabeni wakho ongenamsoco, lapho uyohleka khona kodwa hhayi lonke uhleko lwakho.

Lapho uyokhala khona kodwa hhayi izinyembezi zakho zonke.

Uthando alunikezeli ngalutho okungesilona olwalo, futhi aluthathi lutho komunye, kodwa luthatha kulona uqobo.

Uthando alufuni kuba mnini walutho, futhi nalo alufune kuba namnini.

Uthando lwanele kulona uqobo.

Uma uthanda akumelanga uthi uNkulunkulu usenhliziyweni yami, kunaloko ungamane uthi, mina ngisenhliziyweni kaNkulunkulu.

Ungazikhohlisi ngokucabanga ukuthi ungalawula indlela yothando, uthando uma lukuthole ufanelekile yilona olukhomba indlela yakho.

Uthando alunaso esinye isifiso ngaphandle kokuthi luzanelise lona uqobo.

Kodwa-ke uma uthanda, futhi kufanele, uba nazo nezidingo, yenza loko okuyizidingo kube izifiso zakho zangempela.

Ncibilika ube njengomfula obalekayo, ocula imilonji kuze kuyoba sebusuku.

uthando luyefana nokubazi ubuhlungu bomusa oweqile.


Uthando ukulimala ulinyazwa indlela wena oluqonda ngayo uthando; nokuthi wophe ngentando yakho futhi wophe ujabulile.

Uthando ukuvuka ngovivi inhliziyo yakho inamaphiko, uzibongele ngolunye futhi usuku lokuthanda.

Uthando ukuphumula ngehora lantambama ucabanga ngenjabulo yokukitazwa uthando.

Uthando ukubuyela ekhaya kusihlwa unokubonga; bese ulala nomthandazo enhliziyweni yakho ngabathandekayo bakho kanye neculo lokudumisa ezindlebeni zakho.

Lapho ke u-Almitra waphinda wakhuluma futhi wathi, singathini ngomshado Mfundisi?




*Uthando alunikeli ngalutho okungelona olwalo, futhi aluthathi lutho komunye umuntu, kodwa luthatha kulona uqobo*

## Ngomshado wabe esephendula ethi

"Nanizalwe ndawonye, niyohlale nindawonye koze kube sekugcineni.

Niyobe nindawonye ngisho namhla izimpiko ezimhlophe zokufa zihlakaza izinsuku zakho.

Yenzani ukuthi akube nezikhala ekubeni ndawonye kwenu.

Vumela imimoya yezulu idanse phakathi kwenu.

Thandanani omunye nomunye, kodwa ningasenzi isibopho sothando.

Yekelani leyo ibe ulwandle olunyakazayo phakathi kokujula kwemiphefumulo yenu.

Gcwaliselanani izinkomishi zenu kodwa ningaphuzi ngenkomishi eyodwa.

Ningaphana ngezinkwa kodwa cha ningadli esinkweni esifanayo.

Culani nidanse ndawonye futhi nijabule kodwa omunye nomunye makabe yedwa enjabulweni yakhe,

ngisho nezintambo zesigingci zingazodwana ngisho noma ziqhaqhazeliswa Umculo owodwa.

Nikanani izinhliziyo zenu kodwa cha ningabophelelani

Ngoba isandla sempilo kuphela esingagcina izinhliziyo zenu.

Yimani ndawonye kodwa hhayi ngandawonye kakhulu, naku nezinsika zethempeli zima ngokuhlukana.

unkosikazi owayephethe ingane, eyigone isesifubeni sakhe wathi;

## Khuluma nathi ngezingane

Wayesethi umphrofethi,

"Abantwana benu akusibona abenu.

Bangamadodana kanye namadodakazi empilo, ukuzihalela nezifiso zayo uqobo.

Bafika ngawe kodwa abaveli kuwena. Noma ngabe banawe kodwa cha akusibona abakho.

## Ngomshado wabe esephendula ethi

Ungabanika Uthando lwakho kodwa hayi imicabango yakho, ngoba banayo imicabango yabo.

Ungahlalisa endlini yakho imizimba yabo, kodwa hhayi imiphefumulo yabo.

Ngoba eyabo imiphefumulo ihlala endlini yakusasa lena wena ongasoze wayivakashela, ngisho nasemaphusheni akho.

Ungazama ukuthi ube njengabo kodwa uze ungazami ukubenza babe njengawe ngoba impilo ayibuyeli emuva kanti futhi ayihlali nezolo.

Niyimicibisholo ekuthunyelwa ngayo abantwana benu bethunyelwa njengemicibisholo ephilayo.

Indoda yomcibisholo ibona umnombo wendlela yaphakade, ibese igoba uthingo ngako konke enako, khona imicibisholo yakhe izohamba ngokushesha futhi ifinyelele kude.

Yenza ukuthi ukugobeka kwakho ezandleni zendoda yomcibisholo kube okwenjabulo ngoba noma ewuthanda umcibisholo ondizayo, uyayithanda nenduku eqinile.

Yase ithi indoda eyisicebi;

## Khuluma nathi ngokupha

Waphendula wathi, unikela kancane uma unikela ngaloko onako. Ukunikela kwangempela kwenzeka lapho uzinikela ngawe uqobo lakho.

Bekuyini ukunikela ngonako ngoba izinto nje ozigadile, ozigcinile ngoba usaba ukuthi kungenzeka uzidinge kusasa?

Ikusasa lona lingayilethelani inja ehlala iqaphile, inja ehlale izifihlela amathambo esihlabathini esingenandlela, inja ehlale iloku ilandela izihambeli eziya edolobheni eliyingcwele?

Futhi bekuyini ukusaba ukweswela uma kungeve kuyiko kona ukweswela uqobo?

Kufana nokwesaba ukoma ngisho umthombo ugcwele, usho ukuthi loko akukona ukuba nokoma okungathibeki?

Kunalabo abanikela ngokuncane kokuningi, futhi banikele babe benikelela ukubonwa, kanti nezifiso zabo ezifihlekileyo zenza izipho zabo zingenelisi.

Kanti kunalabo abanokuncane abanikela ngako konke.

Laba yibona abakholelwa empilweni, bayakholelwa enaleni yempilo, kanti futhi amabhokisi abo omcebo awomi.

Kunabantu abanikela ngenjabulo futhi injabulo ekuba iwona mholo wabo.

Kukhona abantu abanikela ngobuhlungu, kanjalo nakubo ubuhlungu kuba umbhabhadiso wabo.

Kanti kukhona nalabo abanikela bengezwa buhlungu futhi bengafune njabulo ngako, ngisho nakuqaphela isimo, bezinikelela nje; labo banikelisa okwezimbali eziphefumula amakha azo ziwayeke aphephukele endaweni yonke.

Kungezandla zabanjalo uNkulunkulu akhuluma ngazo kubantu, futhi kungasemuva kwamehlo alabo abanjalo lapho umdali emoyizela khona emoyizelela umhlaba.

Kuhle ukupha uma uceliwe kodwa kungcono ukupha ungacelwanga, uphe ngoba usiqonda isimo.

Kuloyo onesandla esivulekileyo ukufuna lowo muntu ozohlomula kubayinjabulo enkulu. Injabulo edlula ukuphisana uqobo.

Uthi kukhona ongakugodla uthi uzigodlele kona, njengoba konke onako ngelinye ilanga kuyonikezelwa ngakho, phisana kusemanje khona isikhathi sokupha kungaba esakho hhayi sezindlalifa zakho.

Njalo uhlale uthi uzonikeza, kodwa uzonikeza labo abafanelwe, izihlahla zona esivandeni sakho azisho kanjalo, ngisho nemfuyo emadlelweni akho ayisho kanjalo bonke bayanikela ukuze baphile, ngoba ukuncishana kufana nokushabalala.

Nakanjani loyo ofanelekile ukuzuza izinsuku kanye nobusuku bakhe, ufanelwe yiko konke okuvela kuwe.

Futhi naloyo okumfanele ukuphuza olwandle lwempilo ufanele ukugcwalisa inkomishi yakhe echibini lakho elincane.

Kungabe oluphi lolo gwadule olungaka olungadlula loko okulele esibindini nasekuzethembeni kwakho hhayi ngokuncetheza kokufuna ukudatshukelwa.

Ubuwubani wena ongenza ukuthi abantu bavule izifuba noma imibilini yabo, bazembule ukuziqhenya kwabo, ukuze wena ubone ububona nobunqunu babo futhi nesithunzi sabo usibone siphihlizekile?

Bonela kuqala lapho kuwena ukuthi ufanelwe na ukuba onikelayo nokuba ithuluzi lokunikela?

Ngoba okuyiqiniso elimsulwa ukuthi yimpilo ezipha impilo. Lapho wena ucabanga ukuthi uwena ophayo, konke wena oyikona ukuba isibukeli esivumelana nokwenzekayo.

Kunina abazuzayo, futhi ninonke nje ningabazuzi. Ningake nizithwalise umthwalo wokubonga okudlulele, ungaze uzithwese isikweletu phezu kwakho, ngisho naphezu kwaloyo othi uyapha.

Kungcono kona ukuthi unyuke naye lona ophayo ngezipho ngisho nangezimpiko.

Ngoba ukuhlale ugadene nesikweletu sakho kuyefana nokungabaza ukuqiniseka kwesihe sokuphana kwaloyo onenhliziyo ekhululekile, yena umama wakhe uwumhlabathi, ubaba wakhe yena unguNkulunkulu uqobo.

indoda endala, eyabe ingumgcini wendawo yokufikela izivakashi ezidinga indawo yokulala, yabe isithi;

## Ake ukhulume nathi ngokudla nangokuphuza

ukube beningaphila ngamakha omhlaba njengesitshalo somoya, niphiliswe ukukhanya.

Kodwa-ke ngoba naku kumele nibulale ukuze nidle, futhi nintshontshele abasandukuzalwa ubisi lomama babo ukuze nizithibe ukoma kwenu, yenzani ukuthi-ke loku akube isenzo sokukhonza.

Futhi yenzani izithebe zenu zimele indawo ephakeme lapho okuhlanzekile nokungenacala kwehlathi nasemathafeni kuqotshelwa khona, ukuze kuphilise loko okuhlanzekile nokusasemsulwa kumuntu.

Uma ubulala isilwane yithi kusona ngenhliziyo yakho; ngala mandla akunqumayo, nami ngiyanqunywa, futhi nami ngizodliwa.

Ngoba lo mthetho okulethe lana ezandleni zami, nami uyongithumela kwesinamandlakazi isandla.

Igazi lakho kanye nelami alilutho kodwa liwuju lona olondla isihlahla sezulu.

Futhi uthi uma uhlafuna i-apula ngamazinyo, ithi kulona ngenhliziyo yakho;

"Imbewu yakho izohlala emzimbeni wami,

"Imihlumela yekusasa lakho izoqhakaza enhlizweni yami.

"Iphunga lakho lizoba umphefumulo wami.

"Ndawonye siyohlale sidumisa ngazo zonke izigceme zonyaka.

Entwasabusika esikhathini sokuvuna, lapho sewuqongelela amagilebhisi ensimu yakho ulungiselela isigayo, ithi ngenhliziyo yakho;

Nami ngiyinsimu, izithelo zami nami zizoqoqelwa esigayweni.

Njengewayini entsha nami ngizogcinwa ezindebeni zaphakade.

Ukuze kuthi ebusika uma sewudonsa iwayini, inkomishi nenkomishi ayibe neculo enhlizweni yakho.

Kulelo culo akube yinkumbulo ngezinsuku zokuvuna, ngesivande, nangesigayo.

Indoda eyayingumlimi yathi;

## Ake ukhulume nathi ngomsebenzi

Waphendula wathi; usebenza nje khona uzohambisana nohambo lomhlaba kanye nomphefumulo wawo uqobo.

Ngoba ukuhlala nje ungenzi lutho, kuyefana nokuba into engaziwa ngisho nayizigceme zonyaka, futhi kuwukuphuma emngceleni oqondile wempilo yokumasha ngobukhosi kokuziqhayisa, uzinikele endleleni yokuzisondeza kokungenasiphelo.

Uma usebenza uyefana nomtshingo, onhliziyo yawo iwukuhlebeza kwamahora aphenduka abe umculo. Yimuphi kinina ongaba uqalo, olungezwa futhi oluthule uma konke kucula ndawonye ngaphimbo linye?

Njalo bewuloku utshelwa ukuthi umsebenzi uyisiqalekiso, owezandla wona bethi yishwa.

Kodwa ngithi kini uma usebenza ufezekisa ingxenye yephupho lomhlaba eliphambili, iphupho elathunywa wena ngesikhathi leli phupho lizalwa.

Futhi uma uzigcina usebenza, wena usuke uyithanda ngokwangempela impilo.

Kanti ukuthanda impilo ngomsebenzi ukuzisondezela eduze nezimfihlo ezijulile zomhlaba.

Kodwa uma uthi ngoba usezinhlungwini uqale ubize ukuzalwa kwakho ngeshwa kanye nosizo lomzimba isiqalekiso, kuze kubhalwe ezinhlonzeni zakho, hhayi-ke angingekuphendule loko kodwa, izithukuthuku zakho izona eziyokusula loko okubhaliweyo.

Uzwile ngabantu bethi impilo ubumnyama, nawe ekukhathaleni kwakho sewuloku uphinda phinda konke loku okushiwo abakhatheleyo.

Ngiyasho futhi ngithi impilo ubumnyama obupheliswa ukuba nohlonze, kodwa nalo lonke lolu hlonze aliboni uma lungekho ulwazi.

Kanti lonke ulwazi luyize uma lungenamisebenzi, futhi wonke umsebenzi uyize uma ungenathando;

Kanti uma usebenza ngothando usuke uzibumbela kuwena uqobo, kanjalo uzibumbela komunye nomunye kanti futhi uzibumbela nakuNkulunkulu.

Kanti kuyini ukusebenza ngothando?

Kuyefana nokuphotha indwangu ngezintambo ezidonswe enhliziyweni yakho, uphothe kuze kube sengathi othandiweyo wakho ozogqoka leyo ngubo.

Kufana nokwakha indlu ngothando, wenze kube sengathi othandiweyo obezohlala kuleyo ndlu.

Kufana nokutshala imbewu ngokuthokomala, ngothando uvune isivuno senjabulo, kube sengathi othandiweyo ozodla leso sithelo.

Kufana nokwenza zonke izinto uzithelele ngobuwena, ngomphefumulo womoya wakho.

Futhi nokwazi ukuthi bonke asebafa, ababusisekileyo bami nawe futhi bakubhekile.

Kukaningana ngikuzwa sengathi ukhuluma usebuthongweni uthi 'lowo osebenza ngemabhuli (*marble*), loyo oyibulunga aze athole ukuma komphefumulo wakhe

uqobo kulona leli tshe lemabhuli, unobukhosi kunaloyo otshala umhlaba.

Kanti loyo ozithathela uthingo lwenkosazana alubeke endwangwini alifanise nomuntu, uwokuningi kunaloyo owakha izimbadada zezinyawo zethu.

Kodwa ngiyasho ngithi, hayi ebuthongweni, kodwa ekuphaphameni okweqile kwebuya lolwandle lantambama lapho isivunguvungu sizobe singasakhulumi kamnandi nje kuphela nemithi edlondlobele ukudlula okuncanyana kwayo yonke imisebe yotshani.

Kanti mkhulu eyedwa nje loyo ophendula izwi lesivunguvungu libe iculo elenziwe mnandi ngothando lwakhe.

Umsebenzi uwuthando olwenziwe ukuthi ulibone ngamehlo enyama.

Uma ungakwazi ukusebenza ngothando kodwa usebenza ngokucasuka kungaba ngcono uwushiye lowo msebenzi uhambe uyohlala esangweni lethempeli wamukele iminikelo yalabo abasebenza ngothando.

Ngoba uma ubhaka isinkwa, ungenasineke nandaba, ubhaka isinkwa esinganambitheki, isinkwa esondla ingxenye yendlala kumuntu.

Uma uxova amagilebhisi ubambe igqubu, amagqubu akho agaya umuthi, ushevu uqobo wewayini lelo.

Kanti-ke futhi noma ungacula njengezingelosi kodwa uma ungakuthandi ukucula ufuthanisela amadlebe abantu wenze ukuthi bangawezwa amazwi osuku, kanye namazwi obusuku.

Yase ithi enye inkosikazi

## Khuluma nathi ngenjabulo nosizi

Wayesephendula wathi, injabulo yakho usizi lwakho olungafihlwanga ngalutho.

Kulowo mthombo wakho lapho kuqubuka khona uhleko lwakho esikhathini esiningi kwakugcwele izinyembezi, kodwa vele kungaphinde kube njani?

Kangangokujula kwemibengo ebazwe usizi kuwena, ikangako nenjabulo ongabanayo.

Kanti le nkomishi ephatha iwayini lakho akusiyona yini lena eyabaswa ngomlilo wesitofu sombumbi?

Lo mqangala ophilisa umphefumulo wakho akulona lolu khuni olwagunjwa ngemibese?

Uma ujabulile buka ekujuleni kwenhliziyo uzobona ukuthi, ukuphela kwendawo eyake yakunika usizi iyona lena eseyikunika injabulo.

Uma udabukile kakhulu, buka futhi enhliziyweni yakho uzobona ukuthi okuseqinisweni ukhalela loko obekuyinjabulo yakho.

Abanye benu bathi injabulo inkulu kunosizi, abanye bathi cha usizi lukhulu

Kodwa ngithi mina kini kuxhumene akuhlukaniseki.

Bafika ndawonye futhi uma oyedwa ehleli nawe ebhodini, omunye uzihlalela nje nje ezilalele phezu kombhede wakho.

Ngempela ulenga njengezikalo zesisindo phakathi kosizi nenjabulo yakho.

Kuphela uma usugeqekile lapho ukwazi ukuma ntse uthi ngqo futhi womelele.

Uma umgcini mafa ekuphakamisa, ezokala igolide nesiliva lakhe, isidingo esokuthi okumele kwenzekile okokuthi injabulo yakho noma usizi kuyenyuka noma kuwe phansi.

Umbazi wamatshe wasondela ngaphambili wathi;

## Khuluma nathi ngezindlu

Waphendula wathi, yakhani ngokwemifanekiso yezifiso zenu ixhokovana ehlathini ngaphambi kokuthi wakhe indlu phakathi kwezindonga zedolobha, ngoba noma unokuvela ekhaya ebusheni bakho, nakanjalo ukhona futhi nomhambi ohlala phakathi kwakho, lona ohlale eqhelile futhi eyedwana.

Indlu yakho iwumzimba wakho omukhulu iyakhula elangeni, ilale ekuthuleni kobusuku, futhi hhayi ngoba ingenamaphupho.

Uthi indlu yakho ayiphuphi? Uthi iphupha ishiya idolobha ibheke emahlathini noma echopheni lentaba?

Ukube ngingaqoqa izindlu zenu zibe sesandleni sami, ngizihlwanyele njengomtshali ehlathini nasemadlelweni.

Ukube izigodi bekuyizitaladi zangakini, nezindlela eziluhlaza kuyimigwaqo, lapho nizohambe nifunana phakathi kwezivande zewayini, nibuye nithaphuka iphunga lomhlabathi ezingubeni zenu.

Kodwa lezi zinto angeke zenzeke okwamanje.

Kuthe ekusabeni kwabo obabomkhulu benu, baniqoqela eduzane kakhulu komunye nomunye. Loko kwesaba kusazohlala isikhashana.

Kusazoba isikhashana lapho izindonga zedolobha zizohlukanisa izinhliziyo zenu namasimu enu.

Aningitshele bantu base Ofalese ( Orphalese), yini lena eninayo kulezi zindlu? Yini lena engaka eniyigade ngeminyango ekhiyiwe?

Ninazo kona izinkumbulo ezilokozayo ngendulo, izinkumbulo ezixhumanisa izindawo eziphakeme zokuhluza ingqondo?

Unabo ubuhle, lobu obuholela inhliziyo ezintweni ezakhiwe ngokhuni netshe kuze kufike entabeni engcwele?

Ngitsheleni ninazo lezinto ezindlini zenu?

Noma nje ninobuthofothofo, nokuhalela bona ubuthofothofo, lento engena inyonyoba endlini iyisivakashi bese ijika ibe umphathi, umamukeli wezivakashi, bese iba umnini.

Ibuye ibe isibambezelo esinodobo lokukuthaxabula siloku sizenza ubala olungelutho izifiso zakho ezinkulu.

Noma izandla zayo zishelela okosilika, inhliziyo yona eyensimbi. Lento iyakushushuzela ulale bese ima ecaleni

kombhede wakho iklolode ihlekisa ngokuhlonipheka nesithunzi senyama.

Yenza inhlekisa ngisho imicabango yakho ekhaliphile, iyibeke ngendlela eyibukela phansi kuhle kwesitsha esiphukayo.

Okuseqinisweni ukuthi, ukuhalela ubuthofothofo kuyalubulala ugqozi lomphefumulo bese kuza sanhlekisa emngcwabeni. Kodwa nina bantwana bendawo aniphumuli ngisho ekuphumuleni, aniyukuvinjelwa lutho noma nibanjwe ilutho, indlu yenu ayizuba ihange kodwa izoba ugodo olunqamula ephizeleni lomkhumbi, ayizukuba ufasimba olucwebezelayo olumboze isilonda, kodwa ijwabu lehlo eligade ihlo.

Anisoze nadinga ukugoqa izimpiko zenu ukuze ningene emnyango noma nigobe amakhanda ukuze angashayi uphahla, noma nisabe ukuphefumula hleze izindonga zingaqhekeka ziwe phansi. Anisoze nahlala emathuneni akhiwe abafileyo benzela abaphilayo.

Noma ngabe inobucwazicwazi nenkazimulo, eyenu indlu ayisoze yabamba imfihlo yakho noma izifiso zakho.

Ngoba loko okungenamingcele kuwena kuhlala endlunkulu yasesibhakabhakeni,

iminyango yako iyinkungu yokusa futhi amafasitela ayo ngamaculo kanye nokuthula kobusuku.

Nenyoni ebizwa ngokuthi i-Weaver yathi;

## Khuluma nathi ngezingubo zokugqoka

Wayiphendula wathi, Izingubo zifihla obuningi ubuhle bakho, kodwa azikwazi ukufihla okungekuhle kuwena, noma ngabe okufuna ezingubeni ufuna inkululeko yobuwena ngobungawe, ungazithola usuzifake ijoka neketanga ngazo.

Ngaloko yenza ukuthi ukuhlangana nelanga nomoya akube isikhumba sakho esiningi, uzinciphise izivatho. Ngoba umphefumulo wempilo usekukhanyeni kwelanga kanti nesandla sempilo sisemoyeni.

Abanye benu bathi "imimoya yaseNtshonalanga eluke lezingubo esizigqokayo" futhi ngiyasho nami, hhayi ngithi kwakuwumoya wasentshona ngempela.

Kodwa ihlazo laba semshinini wakhe wokuluka, kanti futhi nokuthambiswa kwemisipha kwakuyintambo yakhe. Kwathi futhi noma umsebenzi wakhe sewenziwe wahleka ehlathini.

Ungakhohlwa ukuthi ukuhloniphisa kuwukwenza ihawu lokukuvikela ehlweni elingahlanzekanga.

Sekuyothi uma ihlo elingahlanzekanga selingasekho,

bekuyini loko kuhloniphisa ngaphandle kobuncethencethe nokubolisa umqondo?

Ungakhohlwa ukuthi umhlaba uyajabula uma uzwa izinyawo zakho uqobo, nomoya uyafisa ukudlala nezinwele zakho.

Umthengisi wathi,

## Khuluma nathi ngokuthenga  kanye nokuthengisa

Waphendula wathi, umhlaba uzinikeza nina izithelo zawo futhi anisoze nadinga lutho uma nje ningakwazi ukugcwalisa izandla zenu.

Kusekushintshisaneni ngezipho zomhlaba lapho uyothola khona umnotho nokwaneliseka.

Kepha ngaphandle kokuba lokhu kushintshisana kwenziwe ngothando nangendlela elungileyo, nese mthethweni, kuyoholela abanye ekubeni babe amagovu, ohlohlela kwesakhe, abanye kuyobaholela endlaleni.

Uma usemakethe nina basebenzi bolwandle, abezinsimu, nina abezivande zamagilebhisi manihlangana nabaluki, ababumbi nabaqongeleli bamakha, biza ngaleso sikhathi umphefumulo ophakeme womhlaba jikelele ukuthi uze phakathi kwenu, cela ukuthi mawenze ngcwele izikalo nomqondo wokubala nokukala isisindo siqondane.

Ungabacasukeli abangenazandla ngokungabafaki ekuhwebelaneni kwakho.

Labo ibo abathengisa amagama abo ngomsebenzi wakho.

Kulabo bantu kumele uthi kubo:

"wozani nani siye ensimini noma nihambe nobhuti bethu niye olwandle niyolahlela amanethi enu. Ngoba umhlaba kanye nolwandle luyokupha okuningi njengoba kwenzeka nakithina.

Futhi uma kufika abaculi nabadansi, abadlali bemitshingo, thenga izipho zabo nabo, ngoba nabo bangabaqoqi bezithelo namakha, kanti futhi loko abakulethayo noma kwakhiwe njengamaphupho, kuyizivatho nokudla komphefumulo wakho.

Akuthi ke ngaphambi kokuthi uphume emakethe qinisekisa ukuthi akekho ohambe indlela yakhe engaphethe lutho esandleni ngoba inkosi yomphefumulo yalo mhlaba ngeke ilale ngoxolo emoyeni kuyoze kube izidingo ngisho zabancanyana benu zibe zanelekisekile.

Kwathi elinye lamajaji edolobha leza  ngaphambili lathi:

## Khuluma nathi ngecala kanye nesijeziso

Waphendula wathi, umphefumulo wakho usuke uhamba uzulazula emoyeni uma kuthi uwedwa, ungagadwanga muntu wenze okubi kwabanye. Ngokwenzenjalo kwakho usuke usenza kuwena uqobo leso sibi.

Kanti futhi ngokuthi sibi ndini leso sesenzekile akusho ukuthi hamba ungqongqoza futhi ulinde isikhathi unganakwa emasangweni ababusisiweyo.

UNkulunkulu wakho owuwe unjengolwandle, uyohlale njalo engangcoliseki.

Njengomoya wesibhakabhaka uyanyusana, kodwa kulabo abanezimpiko.

Ngisho njengelanga nalo elinguNkulunkulu wakho, onguwe uqobo alizazi izindlela zemvukuzane ngisho nakufunana namigodi yanyoka, kodwa ubuNkulunkulu bakho abuhlali bodwa esiqiwini sakho.

Okuningi kuwena kusasewumuntu, futhi kuningi kuwena okungekabi umuntu kodwa umubumbo nje ohamba ulele ezihlweleni, umubumbo ohamba uzifunela ukuphaphama kwawo.

Kungalomuntu okuwe engingakwazi ukukhuluma ngaye.

Ngoba uyena hayi ubuNkulunkulu bakho noma ububunjwa bakho obazi icala noma ukujeziswa kwecala.

Kukaningi ngikuzwa ukhuluma ngowenze icala sengathi wayengeyena omunye wenu.

Kodwa nenza sengathi kwakuwumuntu ongaziwa phakathi kwenu, sengathi isigxambukeli ezweni lenu.

Kodwa ngithi njengoba nabangcwele kanye nabamunene bengasoze banyuka badlula okukhulu ukungaphakathi komunye nomunye wenu. Kanjalo nabakhohlakele kanye nabantekenteke abasoze bawela ngaphansi kwengaphansi elikhona phakathi komunye nomunye wenu.

Iqabunga elilodwa lehlamvu alijiki libe phuzi ngaphandle kokwazi buthule kwesihlahla sonkana.

Ngakho-ke nomenzi wobubi akasoze enze okubi ngaphandle kokuvunyelwa yinina nonke.

Njengodwendwe nihamba ndawonye niphokophele ebunkulunkulwini benu uqobo.

Niyindlela nabavuli bendlela, uma oyedwa wenu ewa phansi, uwela bonke abeza emva kwakhe, kunjengesaziso ngengozi engenziwa itshe elingaqinanga enhlabathini.

Kanti uma ewa, uwela nalabo abangaphambili kwakhe abathi noma beshesha futhi benesiqiniseko ngezinyathelo, kodwa abalisusanga itshe elixegayo.

Okunye futhi ukuthi noma izwi lilele kanzima ezinhliziyweni zenu, kwayena lona obulewe akeve naye emsulwa ekubulaweni kwakhe. Kanti nalona ontshontshelwe akamsulwanga ekuntshontshelweni kwakhe. Omnene akekho mnene ngezenzo zabakhohlakele.

Ngisho nozandla zimhlophe akahlanzekanga ezenzweni zesaphulamthetho.

Yebo lona olahlwa icala esikhathini esiningi uwumhlatshelo waloyo olimele.

Kanti futhi okwamanje esikhathini esiningi naloyo ogwetshiwe, uthwele icala, uthwalele abangenacala kanye nabangasolwa.

Angeke ukwazi ukuhlukanisa okusemthethweni nokungekho semthethweni, okuhle Nokubi,

ngoba konke kumi ndawonye.

Futhi uma intambo emnyama iqhephuka umuluki uzobheka kuyona yonke indwangu, futhi uzohlola kwasawona umshini wona lona wokuluka.

Uma omunye wenu engaletha esigcawini sokwahlulela unkosikazi ongathembekanga, yenzani ukuthi naye akayikale inhliziyo yomyeni ngezikalo.

Futhi kulinganiswe umphefumulo wakhe ngalezi zikalo, bese nenza ke ukuthi loyo oyobhaxabula lona ohlukumezile naye akaqale abheke phakathi komphefumulo waloyo ohlukumeziwe.

Uma omunye wenu ejezisa ngegama lobungcwele kuze kube ubeka imbazo esihlahleni esikhohlakele, aze ke aqale abheke izimpande zaso futhi abheke ngokuqinisekisa.

Uyothola izimpande zokulunga nezobubi

Izimpande ezinezithelo kanye nezingenazithelo, zonke ziphithene ndawonye ekuthuleni kwenhliziyo yomhlaba.

Kunina majaji, nina behluleli, ubani oyoba qotho?

Esiphi isigwebo ongasehlisela phezu kwaloyo othi noma eneqiniso ngokomzimba kodwa abe eyisela lomphefumulo? Umnikeza siphi isijeziso loyo ogwaza inyama ebe naye egwazwa umphefumulo?

Futhi umgweba kanjani yena othi ekwenzeni kwakhe abe umkhohlisi kanye nomcindezeli kodwa futhi kwasayena ebe enezikhalo ezimuthukuthelisayo.

Ungabajezisa kanjani labo ukuzisola nokudabuka kwabo sekukukhulu kudlula ngisho nezenzo zabo ezingezinhle?

Kanti ukudabuka akuwona umthetho sisekelo sawo lomthetho nawe ongajabulela ukuwusebenzela?

Kodwa-ke, awusoze wakwazi ukulahlela ukuzisola noma uvalo kuloyo ongenacala, noma ususe icala kuloyo onhliziyo inecala. Kungamenywanga kuyozifikela ngobusuku kubantu ukuthi mabavuke bazibukisise.

Wena ke onolwazi ngokusemthethweni, ungaba nolwazi kanjani ngaphandle kokuthi ubukisise zonke izenzo zicace bha, phansi kokukhanya okuphelele kwesibani?

Yilapho ke lapho uyokwazi khona ukuthi laba abamile bathi mpo kanye nalabo abawile, bayinto eyodwa efana nomuntu omi ekuhwalaleni, phakathi kobusuku bobuncane bakhe umuntu kanye nosuku lobunkulunkulu bakhe.

Kanti futhi ke isisekelo sethempeli, azikwazi ukuphakama kakhulu kunetshe eliphansi kwesisekelo sesakhiwo sethempeli.

Ummeli wathi:

## Kodwa kuzothiwani ngemithetho yethu mphathi

Waphendula wathi.

Niyajabula ekubekeni lemithetho, kodwa nijabula kakhulu ekuyiphuleni.

Njengezingane zidlala ngasolwandle, zakha amabhilidi, zakhe izindunduma ngesihlabathi, bese futhi ziyakubhidliza ngohleko.

Ngesikhathi wena usalakha ibhilidi lakho, ulwandle lona lukulethela isihlabathi esiningi lusikhiphele ngaphandle. Uthi uma sewubhidliza, ulwandle nalo luhleke, luhleka nawe.

Ngiqinisile uma ngithi kuwena ulwandle luyahleka njalo nalabo abamsulwa.

Kodwa kwenzekani ke ngalabo izimpilo zabo ezingesilona ulwandle, nemithetho ebekwe abanye abantu ingezona izindunduma zesihlabathi?

Kuthiwani ngalabo impilo yabo eyitshe kanti nomthetho uyishizolo ekuyilo ekumele baqophe ngalo izimpilo zabo benze ukuthi ezabo izimpilo azize zibe umfanekiso wabo uqobo.

Kuthiwani ngesidalwa esizonda abadansi?

Kuthiweni ngenkomo ethanda ijoka layo kodwa ibone sengathi inyamazane yaseMelika yona, kanye nenyamazane yehlathi kube sengathi izinto eziyimihambima ozulane boqobo?

Kungathiwani ngenyoka yakudala engasakwazi ukulahla isikhumba sayo, kodwa ibe ibiza bonke abanye ithi banqunu futhi ithi kubona abalisabi ihlazo?

Kuthiwani ngaloyo osheshe afike edilini lomshado athi uma esedle waze weqisa naye wakhathala, athi uma esehamba endleleni ahamba ethi, yonke imicimbi ubudlova, futhi ahambe ethi bonke abahambeli bomcimbi bangabaphuli bomthetho?

Singathini ngalaba ngoba nabo yebo bamile phambi kokukhanya kwelanga, kodwa imihlane yabo nje kuphela ebhekane nelanga? Babona nje kuphela izithunzi zabo, nezithunzi zabo lezo iyona imithetho yabo.

Beliyini ilanga kubona ngaphandle kokuba umembathisi wezithunzi.

Kanti bekuyini ukuvuma imithetho kodwa uphinde kwawena uqithikele phansi futhi uloku ulandela umkhondo wezithunzi phezu komhlaba?

Kodwa wena ke ohamba ulibhekile ilanga, eziphi izithombe ezidwetshiwe emhlabeni ezingabamba wena?

Wena ohamba nomoya, esiphi isimo sezulu esingaqondisa okufanele wena?

Omuphi lomthetho womuntu ongabophelela wena uma ungaliphuleli ijoka lakho emnyango wajele lomunye umuntu?

Emiphi le mithetho ozoyisaba uma uzidansela kodwa ungadidizeleli uze uncikane namahuku ezinsimbi zabuntu.

Kanti ubani lona yena ozokuletha enkundleni yokukwahlulela, uma uzihlubulela ingubo yakho, kodwa ungayishiyi ndleleni yamuntu?

Bantu base-Ofalese ( Orphalese), ningawudambisa umsindo wesigubhu, nithambise izintambo zesigingci, kodwa ubani oyokhuza inyoni eculayo athi ingaculi?

Yathi ke ingcweti yokukhuluma;

## Khuluma nathi ngenkululeko

Waphendula wathi:

Emasangweni edolobha ngasecaleni lakho lomlilo ngibonile uzilalisa phansi ukhonza inkululeko yakho, kuhle kwezigqila zizithoba phambi kwesiqhwaga futhi zize zisidumise noma leso siqhwaga sibanquma.

Ekuqhekekeni kwethempeli futhi ngisho nasemathunzini enqaba abathi I-Citadel, ngibonile abakhululekile phakathi kwenu, beyigqoka inkululeko yabo njengejoka kanye namakhamandela Inhliziyo yami yopha ngaphakathi kwami, ngoba uyokhululeka mhlazane ngisho naleso sifiso sokufuna inkululeko sijika siba isibopho kuwena.

Uzothi uma uyeka ukukhuluma ngenkululeko sengathi iyinjongo yakho nokugculiseka kwakho, yilapho ke uyokhululeka ngempela.

Kulapho uma izinsuku zakho kungesizona ezokunganaki lutho nje, nobusuku bakho bungenazidingo futhi bungenalo nosizi.

Kepha uma lezi zinto kuyizo ezengamele impilo yakho, wena kuko konke nyukela ngaphezulu, uye phezu kwako konke unqunu, futhi ungenazibopho.

Ungaphakama kanjani ngokweqile uze weqe ngale kwezinsuku zakho kanye nobusuku bakho ngaphandle kokuthi uphule amaketanga, lawa ekuthe ngokusa kokuqonda wawabophelela ukuzungeza ihora lakho lantambama.

Eqinisweni loku wena okubiza ngokuthi inkululeko yikona okuqine kunawo wonke amaketanga, noma nje imixhumela yalo ibenyezela elangeni ize ixhophe amehlo akho.

Futhi ke bekuyini ngaphandle kokuthi izicucu eziwuwena lezi ozozilahla ukuze ube wokhululekileyo.

Uma kuwumthetho ongenabulungiswa ozowuchitha, lowomthetho wawubhalwe ngesandla sakho phezu kwesiphongo sakho.

Awukwazi ukuwucima ngokushisa izincwadi zomthetho noma ngokugeza iziphongo zamajaji enu.

Ngisho ningathela ulwandle phezu kwabo.

Kanti uma kuwumuntu obusa ngolunya wena uyomsusa esihlalweni.

Bheka kodwa kuqala uqinisekise ngokuthi lesihlalo sobukhosi sakhe esithe mpo lapho phakathi kwakho sesibhidlikile.

Kungenzeka kanjani ukuthi inkosi ephatha ngonya, iphathe abakhululekileyo kanye nabaziqhayisayo, ngaphandle kokubadlova, ibadlova enkululekweni yabo nasehlazweni lokuziqhayisa kwabo.

Futhi uma kuwukuthi ukuba nenkathalo, sengisho phela ukuba nendaba nazo zonke izinto loku okuyinto ekumele uyilahle, yikhona khona kuba nendaba kwakho loko onako futhi vele bekukhethwe uwena, hhayi ukuthi kwalahlelwa phezu kwakho.

Kanti uma kuwubugwala ekumele ukulahlile, isihlalo salobo bugwala sisenhliziyweni yakho hayi esandleni saloyo omsabayo.

Ngiqinisile ngithi zonke izinto ezinyakaza ngaphakathi kwakho njalo zikwanga ingxenyana,

Konke okuhalelwayo nokukunika itwetwe

Konke okukunyanyisayo nokulondolozekile engqondweni yakho,

Konke okuyizinto ezilandelwayo ngisho kanye naloko oyophunyuka kuko.

Konke loku kuhamba ngaphakathi kwakho njengezibani nezithunzi ezihamba ngazimbili ndawonye zinamathelene.

Kuyothi lapho isithunzi siphupha size sishabalale singasabikhona, ilangabi elisalayo liba isithunzi kwesinye isibani. Kanjalo ke nenkululeko yakho, uma ilahlekelwa izibopho zayo kuba iyona uqobo lwayo eba isibopho senkululeko enkulu ukuzedlula zonke.

Umfundisikazi waphinda wakhuluma wathi:

## Khuluma nathi ngesizathu nentshisekelo

Wayesephendula ethi:

Umphefumulo wakho esikhathini esiningi uyinkundla yempi, lapho isizathu nokwahlulela kwakho izinto kuvusa impi phakathi kwentshisekelo kanye nezinga nokuhala kwakho.

Kungenzeka ukuthi ngingaba umenzi woxolo emphefumulweni wakho; mhlawumbe kungenzeka ukuthi ngingaphendula ukubhimba nokubangisana kwaloko okuyizingxenye zakho nako kuphenduke kube yinto eyodwa nehubo.

Kodwa ngingakwenza kanjani ngaphandle kokuthi nina uqobo lwenu nibe abakhi boxolo, hhayi izithandi zako konke.

Izizathu zakho kanye nentshisekelo yakho ziyinkomba kanye nohambo lomphefumulo wakho lona ohamba olwandle.

Uma okokuntanta emanzini noma inkomba yakho iphuka ungayijikijela lena uzintantele, kungenjalo ungabambeka ume ntse phakathi nolwandle.

Ngezizathu zokuthi ukubusa wedwa kuba ukuzicindezela amandla ngesihluku sodlame;

Kanti ke futhi intshisekelo enganakwanga iwumlilo ovutha uze uziqede ngokwawo, osha uze uphele nya.

Ngaloko vumela umphefumulo wakho udumise izizathu zakho nazo zize zifike emazingeni okuthi ucule,

futhi uvumele ukuthi uholele intshisekelo yakho ngezizathu, khona intshisekelo yakho iyohlala idlule ngisho ukuvuka kwakho kwabafileyo kwansuku zonke, njengenyoni abathi i Finikisi (*Phoenix*), yona enyuka ngaphezu komlotha wayo.

Ngingathi nje hlaziya ukwahlulela kwakho nokuhala kwakho, nangendlela ongenza ngayo ezivakashini ezimbili ezithandekayo endlini yakho.

Nakanjani awusoze wamukela noma wakhonza isivakashi esisodwa ukudlula esinye ngoba loyo ogada kakhulu oyedwa ulahlekelwa uthando nethemba labo bobabili.

Phakathi kwezintaba, wothi uma uhlala phansi komthunzi opholileyo wesihlahla esimhlophe sePopula *(Poplar)*, wabelana ngoxolo nokuthula kwezivande ezikude kanye nezifunda.

Vumela inhliziyo yakho ukuthi ithi ekuthuleni "uNkulunkulu uphumula ngesizathu",

Futhi uma izivunguvungu ziza, nomoya omkhulu uvuthuza amahlathi, ukuduma kwezulu nokubanika kwalo kumemeza ubukhulu besibhakabhaka, wena vumela inhliziyo yakho ithi ngokumangala "uNkulunkulu uhamba entshisekelweni",

Futhi ke njengoba uwumphefumulo osembulungweni kaNkulunkulu kanye neqabunga ehlathini likaNkulunkulu, nawe futhi kumele uphumule ngesizathu futhi unyakaze ngentshisekelo.

Unkosikazi wakhuluma wathi;

## Sitshele ngobuhlungu

Wayesethi; ubuhlungu bakho ukuqhephuka kwegobongo elivale ukuqonda kwakho, njengoba netshe lesithelo kumele liphuke khona inhliziyo yalo izoma elangeni, kanjalo khona uzobazi ubuhlungu.

Uma ungakwazi ukugcina inhliziyo yakho imangele ezimangalisweni zempilo yakho, ubuhlungu bakho nabo abusoze baba yisimangaliso esincane kunenjabulo yakho.

Futhi uyokwamukela izigceme zenhliziyo yakho ngalendlela obewuloku wamukela izikhathi zonyaka ezidlula ezinsimini zakho.

Uyozibukela ngentobeko nokuzithulela ukudlula kobusika bosizi lwakho.

Ubuningi bobuhlungu kuwe uyazikhethela wena, yiloko okubabayo kokuphuzwayo.

Yiko loko okusetshenziswayo uma umelaphimzimba ophakathi kuwe akuphilisa ngako ubuwena obungaphilanga.

Ngaloko kholelwa kumelaphimzimba, futhi phuza umuthi wakhe buthuli futhi ekupholeni ngoba isandla sakhe noma sisinda futhi sinzima, siholwa esinsobonsobo isandla saloyo ongabonwayo.

Kanti nenkomishi ayilethayo noma ishisa izindebe zakho, ilolongwe ngobumba olumantiswe wumbumbi ngezinyembezi zakhe eziyingcwele.

Indoda yathi;

## Khuluma nathi ngokuzazi wena uqobo

Waphendula wathi; izinhliziyo zenu ziyazazi ekuthuleni izimfihlo zosuku kanye nezobusuku, kodwa izindlebe zenu zomele umsindo owaziwa izinhliziyo zenu.

Uyokwazi ngamagama konke loku obuloku ukwazi emicabangweni.

Uyothinta ngeminwe yakho ubunqunu bomzimba wamaphupho akho.

Futhi kulungile ngoba kumele.

Impophoma efihlekile yomphefumulo wakho kumele idinge ukunyuka, ibaleke imemeza ukuya olwandle.

Kanye negugu lobunzulu obungapheli obuyokwembulwa emehlweni akho.

Kodwa makungabikhona zikalo zokukala amagugu akho angaziwa.

Futhi ungafuni ukujula kolwazi lwakho ngenduku noma intambo yokuzwa umsindo.

Ngoba ubuwena wulwandle olungenazibopho futhi olungakaleki.

Ungabothi "Ngithole okuyilona qiniso" kodwa okungcono uthi "Ngithole iqiniso".

Ungathi "Ngithole indlela yomphefumulo wami" kungcono uthi "Ngihlangane nomphefumulo uhamba ohambeni lami".

Ngoba umphefumulo uhamba kuzona zonke izindlela.

Umphefumulo awuhambi phezu komugqa futhi awukhuli njengomhlanga.

Umphefumulo uzisombulula wona njenge mbali ye-Lothasi *(Lotus)* enamagqabi angabaleki.

Uthisha wabe esethi;

## Khuluma nathi ngokufundisa

Wayesethi:

Akekho umuntu ongakwembulela lutho phandle kwaloko okuvele kulele ingxenye ekuseni kolwazi lwakho.

Umfundisi ohamba esithunzini sethempeli, phakathi kwabalandeli, lowo muntu akanikeli ngenhlakanipho yakhe kodwa kunaloko unikela ngokukholelwa kanye nokuba nothando.

Uma naye ewumuntu okhaliphile akakuceli ukuthi ungene endlini yenhlakanipho yakhe, kodwa kunaloko ukuholela emnyangweni wengqondo yakho.

Isazi sezinkanyezi singakhuluma kuwena ngokuqonda kwaso umkhathi kodwa angeke sikunike indlela esiqonda ngayo sona.

Umculi angakuculela ngezigqi ezikuwona wonke umkhathi, kodwa angeke akunike indlebe lena yena abopha ngayo isigqi noma iphimbo elinanela isigqi.

Kanti loyo ophiwe kwezesayensi yezinombolo, angaxoxa ngezingxenye zesisindo nezikalo kodwa akasoze akwazi ukuphatha endaweni yakho.

Ngoba umbono womunye umuntu awubolekisi ngezimpiko zawo uziboleke enye indoda.

Ngoba ngisho omunye nomunye wenu uzimele yedwa ekwazini kukaNkulunkulu, manje ke kumele ukuthi omunye nomunye azimele ekumazini uNkulunkulu wakhe, nasekuqondisiseni ngomhlaba.

Intsha yathi:

## Khuluma nathi ngobungane

Waphendula wathi: Umngane wakho uyizidingo zakho eseziphenduliwe.

Uyinsimu wena otshala kuyo ngothando uvune ngokubonga.

Uyisigungu sakho kanye nomlilo ovuthayo ecaleni lakho, ngoba uya kuyena ngendlala yakho umthole ngisho futhi noma udinga uxolo.

Uma umngane wakho ekhuluma akucabangayo, awuyisabi impikiswano ekhanda lakho, futhi awuvele uthule ngisho kudingeka usho okuthize.

Uma ethule, inhliziyo yakho ayiyekeli ukulalela inhliziyo yakhe.

Ngoba ngaphandle kwamazwi, ebunganeni yonke imicabango, zonke izifiso, konke okulindelekileyo kuyazalwa, futhi kwabelwane ngenjabulo futhi kungenasimanga sakuhalalisa.

Uma uhlukana nomngane wakho awubinalo usizi ngoba loko okuthandayo kakhulu kuyena kuyocaca kangcono uma engekho. Njengezintaba kumkhuphuki wazo, zicace ngisho yena esethafeni.

Ungavumeli kube khona injongo ebunganeni phandle kokujula komphefumulo.

Ngoba uthando olufuna okunye ngale kwezambulo zezimangaliso zalo, akulona uthando kodwa inethi elilahlelwe phambili ukuyodoba, futhi konke ekubambayo akunanzuzo.

Yenza ukuthi okuhambela phambili makube okomngane wakho.

Uma kumele azile ukuhlehlisa igagasi lakho, menze azi futhi ukuthi yini eletha izikhukhula kanjalo.

Ngoba kanti yini umngane uma kuwukuthi umfunela nje ukuchitha isikhathi?

Mfune njalo futhi nangamahora okuphila.

Ngoba wokwakhe ukuthi agcwalise izidingo zakho hhayi ukweswela kwakho.

Futhi ebumnandini bobungane akube nokuhleka nokwabelana ngenjabulo.

Ngoba yikulawo mazolo ezinto ezincane lapho inhliziyo ethola ukusa kwayo kanye nokuvuseleleka.

Umfundi wayesethi:

## Khuluma nathi ngokukhuluma

Waphendula wathi: Ukhuluma uma uyekela ukuba soxolweni nemicabango yakho.

Futhi kusuke kuyilapho uma ungasakwazi ukuhlala ebubodweni benhliziyo yakho, usuhlala olimini lwakho. Umsindo isilibaziso nento yokudlulisa isikhathi, kokuningi kuloku kukhuluma umcabango uyabulaleka isigamu.

Ngoba umcabango inyoni yomkhathi, kuthi esidlekeni samazwi, ngisho ingawavula wona amaphiko ayo kodwa ngeke ikwazi ukundiza.

Kunalabo phakathi kwenu abafuna izikhulumi ngoba besaba ukuba bodwa.

Ukuthula kokuba wedwa kuyabacacisela emehlweni abo ubunqunu abayibo lobu abakhetha ukububaleka.

Bese kuba khona labo abakhulumayo futhi ngaphandle kolwazi ngisho nokuthi baqale bacabange, laba bakhipha iqiniso ngisho nabo abangaliqondi.

Bese kuba nalabo abaneqiniso phakathi kwabo, kodwa abangalisho ngamazwi.

Kusesifubeni salabo abanjena lapho umoya oyingcwele ohlala khona ngesigqi sokuthula.

Uma uhlangana nomngane wakho ecaleni komgwaqo noma emakethe, vumela umoya kuwena unyakazise izindebe zakho uqondise nolimi lakho.

Yenza ukuthi izwi phakathi kwezwi lakho likhulume endlebeni yendlebe yakhe ngoba umphefumulo wakhe uzogcina iqiniso lenhliziyo yakho njengokukhumbuleka kokunambitheka kwewayini,

Uma umbala usukhohlakele, nomkhumbi ungasekho.

Umazi wezinkanyezi wathi:

## Mphathi kuthiwani ngesikhathi

Waphendula wathi: Ungasikala isikhathi esingenasikalo futhi ngisho esingakaleki. Ungashintsha ukuziphatha kwakho futhi ungaze uqondise umsebenzi womphefumulo wakho ngamahora kanye nezigceme zonyaka.

Ngesikhathi, ungakha umfudlana odonga lawo wena qobo ongahlala kulo uwubuke ugeleza.

Lapho ngoba okungenasikhathi kuwena kuyazi ngokungabi nasikhathi kwempilo.

Futhi kuyazi ukuthi izolo beliyini phandle kokuthi inkumbulo yanamuhla, nekusasa ngokunjalo liyiphupho lanamuhla.

Ngisho nako loku okuculayo nokwenza amacebo phakathi kwakho nako kusahlala phakathi kwale migomo yaleso sikhathi sokuqala esahlakazela izinkanyezi emkhathini.

Ubani phakathi kwenu ongezwa ukuthi amandla akhe okuthanda awanazibopho?

Kanti futhi ubani ongezwa ukuthi ngisho lona lolo thando noma lungenamigomo, lukakeleke phakathi

nendawo nobuntu bakho, kanye nokungasuki emcabangweni wothando kuye emcabangweni wothando?

Hayi kanti ukuthi isikhathi njengothando akuhlukaniseki futhi akunajubane?

Kodwa uma emcabangweni wakho kumele ukale isikhathi sibe izigceme, yenza ukuthi isigceme ngasinye sibe nazo zonke izigceme.

Futhi wenze ukuthi inamuhla lamukele okudlule ngenkumbulo kanye nekusasa ngokulangazelela.

Kanti omunye wabadala bedolobha wathi:

## Khuluma nathi ngokuhle nokubi

Waphendula wathi:

Ngokuhle kinina ngingakhuluma, kodwa hayi ngokubi, ngoba yini okubi uma kungeve kungokuhle okuxakekile, nako kuxakekiswe ukulamba nokunxanwa kwakho.

Ngiyasho ngithi uma okuhle kulambile kufuna ukudla ngisho nasemihumeni ecashile, emnyama futhi uma kunxaniwe kuphuza ngisho emanzini afileyo.

Ulungile uma umunye nobuwena, kodwa ke futhi uma ungemunye nobuwena uqobo, loko akusho ukuthi awulunganga; ngoba indlu ehlukene akuwona umhume wamasela, iyindlu eyahlukene nje kuphela.

Futhi umkhumbi ongenankomba, ungadwanguza nje okungayindawo phakathi kweziqhingi eziyingozi kodwa ungashoni phansi.

Ulungile uma uzama ukuzinikela kodwa futhi awukhohlakalanga uma ufuna ukuzitholela inzuzo.

Ngoba uma ufuna ukuzitholela inzuzo uyimpande ebambelela emhlabeni incele ebeleni lawo.

Eqinisweni isithelo asikwazi ukuthi empandeni "fana nami wena, uvuthwe futhi ugcwale futhi uhlale uphisana ngenala yakho.

Ngokwesithelo ukuphana isidingo njengoba nokwamukela kuyisidingo sempande.

Ulungile uma uvuke ngokuphelele enkulumweni yakho, kodwa futhi awukhohlakalanga uma ulala uyekelele ulimi lwakho luziwengukela ngaphandle kwesizathu.

Ngoba ngisho inkulumo enqikazelayo ingaluqinisa ulimi oluntekenteke.

Ulungile uma uhamba uya ezinhlosweni zakho ngokugxila futhi ngezinyathelo eziqotho. Kodwa futhi awukhohlakalanga uma uya phambili uxhugela ngisho nalabo abaxhugelayo abayi emuva.

Kodwa nina ke eninamandla futhi enisashesha qikelelani ukuthi anihambe nixhuga phambi kwabantekenteke niloku nicabanga ukuthi loko ukulunga.

Ulungile ngezindlela eziningi futhi awukhohlakalanga uma ungalunganga, uzintwayizela nje uzivilaphela.

Kuyadabukisa ukuthi izinyamazane azikwazi ukufundisa izimfudu ukukhwishiza.

Ekuhaleni kwakho uzihalela ubuwena obukhulukazi ilapho ekulele khona ukulunga kwakho. Futhi leso sifiso sikunina nonke.

Kodwa kwabanye benu lesi sifiso siyisikhukhula esishesha ngamandla silibhekise olwandle, sithwele izimfihlo zangale kwezintaba namaculo ehlathi.

Kwabanye kuba umfudlana ocwebile olahlekelwa ubuwona ezigojeni nasemajikeni futhi izungazungeza ngaphambi kokuthi ifike ogwini.

Kodwa akangathi lona ohala kakhulu athi kulona ohala kancane, "yini indaba wena ucothoza futhi usilibazisa? Ngoba olunge ngempela akambuzi onqunu ukuthi ziphi izingubo zakho? Noma loyo ongenakhaya ukuthi uyephi umuzi wakho?

Umfundisikazi wathi,

## Khuluma nathi ngomthandazo

Waphendula wathi:

Uyathandaza ekukhathazekeni noma ekusweleni kwakho, kumele phela uthandaze futhi noma ugcwele Injabulo futhi nasezinsukwini zakho zenala.

Kanti yini umthandazo uma kungeve kuwukunwebeka kobuwena kunwebekela ukuba okunye okuphilayo?

Kanti uma kuyinduduzo yakho ukuchitha ubumnyama bakho emkhathini, kuyinjabulo yakho phela futhi ukuchitha phambili ukuphaphama kokusa kwenhliziyo yakho.

Kanti uma ungakwazi ukuthi wenze okunye ngaphandle kokuthi ukhale uma umphefumulo wakho ukubizela emthandazweni, kumele uqhubeke futhi uphindelele noma sewukhala woze uphume sewuhleka.

Uma uthandaza uyanyuka uyohlangana emoyeni nalabo abathandaza ngalelo hora kanye nawe.

Ubani ongasoze wahlangana naye ngomthandazo?

Ngakho yenza ukuthi ukuvakasha kwakho ethempelini elingabonwayo kube ngenxa yalutho phandle kwenjabulo nokuhlanganyela okumnandi, ngoba uma uthi uzongena ethempelini ngesinye isizathu ngaphandle kokuthi uzocela, angeke uthole.

Uma futhi uthi uzongena ethempelini ukuzozithoba awusoze waphakamiswa.

Noma ungathi ungena ngokuzincengela ngobuhle babanye, awusoze wezwakala kwanela.

Kwanele ukuthi ungene ethempelini ungabonwa.

Ngeke ngikwazi ukunifundisa ukuthi nithandaze kanjani ngamagama. UNkulunkulu akalaleli amazwi akho kube vele kuwuyena uqobo owakhuluma ngezindebe zakho.

Angikwazi ukunifundisa umthandazo wezilwandle namahlathi nezintaba.

Kodwa nina enizalwe izintaba namahlathi nezilwandle, ningayithola imithandazo yenu ezinhliziyweni zenu.

Futhi uma ulalela kodwa ekuthuleni kobusuku uzozwa bona bethi ekuthuleni:

Nkulunkulu wethu oyithina, onezimpiko, kuyintando yakho ekithina lena efisayo.

"Kuyisifiso sakho esikuthina lesi esisifisayo.

"Intshisekelo yakho ekithina engaguqula ubusuku bethu obuwobakho nabo, kube yizinsuku nazo ekungezakho.

Angeke sikwazi ukukucela lutho ngoba wena uqobo uyazazi izidingo zethu, ngisho nangaphandle kokuthi zizaleke kuthina.

Wena uyisidingo sethu, futhi ekutheni usinike kakhulu ubuwena wabe ususinikeze konke.

Owayehlala ehambayedwana, ejwayele uvakashela njalo kuleli dolobha, njalo kanye ngonyaka, weza phambili wathi,

## Khuluma nathi ngentokozo

Waphendula wathi: Intokozo iculo lenkululeko, kodwa akusiyona inkululeko.

Iwukuqhakaza kwezifiso zakho kodwa akuzona izithelo zazo izifiso zakho.

Iwubunzulu obukubizela kokuphezulu, kodwa ayibona ubunzulu noma okuphakeme, iyiloko obekuvalelekile sekuthatha izimpiko.

Kodwa akuwona umkhathi okhuselekile hhayi ngalo lonke iqiniso.

Intokozo iculo lenkululeko futhi ngingajabulela ukuthi uyicule ngokugcwala kwenhliziyo, kodwa futhi angisoze ngayekela ukuthi izinhliziyo zenu zilahlekele ekuculeni.

Abanye bentsha yenu bafuna Intokozo sengathi iyikona konke, futhi bayahlulelwa futhi bakhuzwe. Angisoze ngabehlulela noma ngibakhuze. Ngingabayeka bafune, ngoba bayoyithola Intokozo kodwa hhayi yona yodwa.

Bayisikhombisa odadewabo. Ngisho nokuncanyana kwabo kuhle kakhulu kunentokozo. Awukaze uzwe ngendoda eyayimba emhlabathini ifuna izimpande, yona yathola umnotho?

Futhi abanye abangabadala benu bakhumbula Intokozo ngokuzisola ngezinto eziphambukile ezenzeka uma kudakekile. Kodwa ke ukuzisola kunjengokufuthaniselwa amafu komqondo akusikona ukuyivuselela. Kumele bakhumbule Intokozo yabo ngokubonga, ngale ndlela abangenza ngayo ngesivuno sasehlobo. Kodwa uma kubathuthuzela ukuzisola mabathuthuzeleke. Futhi lapha phakathi kwenu kunalabo abangekho bancane ukuthi bafunde, kodwa futhi bengekho badala ukuthi bakhumbule. Futhi kuloko kusaba kwabo ukufunda nokukhumbula baziba yonke inhlobo yenjabulo, bangaze bazibe umphefumulo noma benze okungafanelekanga kuwo.

Kodwa ngisho nasekuyekeleni kwabo kuseyintokozo yabo ngaloko nabo bathola umnotho noma begumba izimpande ngezandla eziqhaqhazelayo.

Kodwa ngitshele ubani yena lona ongakwazi ukudina umphefumulo? Umzwilili ungakuphazamisa kanjani ukuthula kobusuku noma ukhanyikhanyi mhlawumbe uphazamise izinkanyezi?

Uthi intuthu yomlilo wakho ingakhathaza umoya?

Ucabanga ukuthi umphefumulo uyichibi elimile yini, lona ongalihlupha ngenduku?

Esikhathini esiningi ukuzincisha ubumnandi kufana nokuzongela ukuhala esiqwini sakho esingekavuleki, ubani owaziyo mhlawumbe loko okungathi kunqunyiwe namhlanje, kulinda ikusasa.

Ngisho nomzimba wakho lo uyazazi imvelapi yawo ngisho nezidingo zawo futhi awusoze waqambeleka amanga. Umzimba wakho uwuhabhu lomphefumulo wakho. Futhi kuyisidingo sakho ukuthi ulethe Umculo omnandi kuwona hhayi imisindo ephambene.

Manje ke ake ubuze inhliziyo yakho, singakuhlukanisa kanjani enjabulweni loko okulungile kuloko okungalunganga?

Hambani niye ezinsimini nasezingadini zenu futhi

Khona nizofunda ukuthi kuyintokozo yenyosi ukuqoqa uju embalini.

Kanti futhi kuyinjabulo yembali ukunikezela ngoju lwayo enyosini.

Ngoba enyosini imbali iwumthombo wempilo kanti embalini inyosi iyisithunywa sothando. Kubona bobabili imbali nenyosi, ukuphana nokwamukela kuyintokozo, kuyisidingo kanye Nentshisekelo.

Bantu base-Ofalese (*Orphalese*) yibani senjabulweni yenu njengembali nenyosi.

Imbongi Yathi:

## Khuluma nathi ngobuhle

Waphendula wathi: Uyobufunaphi ubuhle? Futhi uyobuthola kanjani? Ngaphandle kokuthi bona uqobo lwabo bube indlela yakho nomholi wakho.

Ungakhuluma kanjani ngabo ngaphandle kokuthi kube ibona umeluki wenkulumo yakho.

Ababekhathazekile nabalimele bathi ubuhle bunomusa futhi bumnene njengomama osemncane ohamba Phakathi kwethu enamahlonyana ngodumo lakhe.

Onomdlandla naye wathi, angithi ubuhle into yobukhulu nokwesabeka, njengesiphepho ishukumisa umhlaba ngaphansi kwethu ngisho nesibhakabhaka phezulu.

Abakhathele nabacobekile bathi ubuhle bunyenyezela phansi, bukhuluma emiphefumulweni yethu.

Izwi lakhe liyavuma ekuthuleni kwethu njengesibani esikhanya ilangabi limfimfa, liqhaqhazela lesaba isithunzi.

Kodwa abangaphumule bathi simzwile ememeza phakathi kwezintaba.

Ngezikhalo zakhe kweza umsindo wezintselo kanye nokushayana kwamaphiko nokubhonga kwamabhubesi.

Ebusuku abagadi bedolobha bathi ubuhle buyonyuka ngekusasa elibuya eMpumalanga.

Kuthi ngebuya ababhikishi nabahlaziyi bendlela bathi. Sibubonile ubuhle buncike emhlabeni, emawindini okushona kwelanga. Ebusika bathi abavaleleke eqhweni uzofika-ne ntwasahlobo eqhashela emagqumeni.

Kuthi ekushiseni kwehlobo abavuni bathi, simubone edansa namahlamvu angentwasahlobo. Futhi sabona ukukhithika kweqhwa ekhanda lakhe. Zonke lezi zinto nizishilo ngobuhle, kodwa okuseqinisweni anikakaze nikhulume ngezidingo ezingagculisekanga ngaye. Futhi ukuthi ubuhle abusona isidingo, bungamadlingozi nesasasa.

Akomisi mulomo akusona ngisho isandla esilulelwe phambili, kodwa nje inhliziyo ebhibhile kanye nomphefumulo ojabulile.

Abusisona isithombe ongasibona noma iculo ongalizwa kodwa isithombe osibona ngisho kuthiwa uvale amehlo. Buyiculo olizwa ngisho uthi uvale izindlebe zakho. Abusiwona Amanzi ajuza emnkenkeni wexolo lomuthi noma iphiko elixhumeke esidladleni, kodwa kunaloko ingadi ehlale iqhakazile kanye nomhlambi wezingelosi ezihlale zindiza.

Bantu base-Ofalese (*Orphalese*) ubuhle impilo uma impilo izibonakalisa ubuso bayo obuyingcwele, kodwa wena uyimpilo futhi uwena iveyili. Ubuhle buyiphakade elizibhekile esibukweni. Kodwa wena uyiphakade futhi uyisibuko.

Kwathi Umshumayeli omdala wathi:

## Khuluma nathi ngenkolo

Wayesethi:

Ikhona yini enye into engike ngakhuluma ngayo phandle kwayo?

Inkolo akuyona na zonke lezi zenzo kanye nako konke nale micabango?

Futhi ngisho naloko okungesona isenzo noma umcabango kodwa Isimangaliso, nokumangala okuhlale kuqhasha emphefumulweni, ngisho noma izandla zigwema itshe noma zinakekele umshini wokuluka?

Ubani ongahlukanisa ukholo lwakhe ezenzweni zakhe noma ahlukanise kuloko inkolelo yokumgcina ematasatasa?

Ubani ongasakaza amahora akhe phambi kwakhe athi, loku okukaNkulunkulu, loku okwami; loku okomphefumulo wami; bese kuthi loku kona kube okomzimba wami?

Wonke amahora enu ayizimpiko ezishaya zidlula emkhathini kusuka kuwena kuya kuwena.

Loyo ogqoka ubuqotho bakhe kodwa njengengubo kanokusho kungabe kungcono azibele nqunu.

Umoya nelanga akusoze kwabhoboza imbobo esikhunjeni sakhe, kanti naloyo ochaza izenzo zakhe ngokuziphatha kwakhe ubophela inyoni yakhe yeculo esidlekeni.

Iculo elikhululeke kunawo wonke aliphumi ezigxotsheni nase zingcingweni.

Kuloyo ukukhonza kwakhe kuyifasitela lokuvulwa libuye livalwe, akakaze ayivakashele indlu yomuphefumulo wakhe, emafasitela ayo asuka kwisikhathi sokusa aye kokunye futhi ukusa.

Impilo yakho yemihla ngemihla ithempeli lakho nenkolo yakho.

Uma ngabe ungena kuyo thatha konke okungokwakho.

Thatha igeja, ikhanda, isando kanye nezigingci. Izinto owazakha ngenxa yesidingo noma ngenxa yenjabulo, ngoba uma kubuyelwa emuva awusoze wanyuka ngezinga udlule konke osewakuzuza, kanti futhi akukho okunye ukuwa ongakuwa Ukudlula konke ukuhluleka kwakho.

Futhi thatha nawe bonke abantu, ngoba ekudumiseni angeke undizele phezulu Ukudlula amathemba abo noma uzithobe Ukudlula loko osekuphelelwe nayithemba.

Futhi uma kwenzeka ukuthi uyomazi uNkulunkulu, ungabe sewuba umxazululi wezimpicampicwano, kungcono buka nje eduze kwakho, uyombona edlala nabantwana bakho,

bese ubheka emkhathini; uzombona ehamba emafini, elula izandla zakhe ekubanikeni kombani nasekwehleni kwemvula.

Uzomubona emoyizela ezimbalini, bese ephakamisa akuthathazele ngezandla zakhe ezisezihlahleni.

Beseke u-Almitra ekhuluma ethi;

## Asibuzeke manje ngokufa

Wayesethi: Uyozazi izimfihlo zokufa, kodwa uyothola kanjani ngaphandle kokuthi ukufune enhliziyweni yempilo. Isikhova esimehlo aboshwe wubusuku, asiboni emini, angeke sambule izimfihlakalo zokukhanya.

Uma ngempela ungabhekana nomoya wokufa vula inhliziyo yakho kakhulu uvulele umzimba wempilo.

Ngoba impilo nokufa into eyodwa, njengoba nje nomfula nolwandle kuyinto eyodwa.

Ekujuleni kwamathemba kanye nezifiso zakho, kulele ulwazi lwakho oluthule ngokungale; Futhi njengembewu iphupha ngaphansi kweqhwa; inhliziyo yakho iphupha ngentwasahlobo.

Kholelwa emaphusheni akho ngoba kuwona kucashe isango eliyaphakade.

Ukusaba kwakho ukufa bekuyini phandle kokuqhaqhazela komelusi uma emi phambi kwenkosi esandla sayo kumele sibekwe phezu kwekhanda lakhe ngokumhlonipha.

Usho ukuthi umelusi akajabulanga phansi kokuqhaqhazela kwakhe njengoba ezongqoka uphawu lwenkosi? Awushukuthi uyena okuqonda kakhulu lokokutatazela kwakhe?

Ngoba kuyini ukufa kepha kuwukuma unqunu emoyeni bese uncibilikela elangeni?

Futhi bekuyini ukuyekela ukuphefumula kungekona ukukhulula umphefumulo emagagasini awo angaphumulanga, khona wena uzonyuka futhi wande bese ufuna unkulunkulu ongenakunyakaziswa?

Kuphela uma uphuza emfuleni wokuthula lapho ngempela uyocula khona. Bese futhi uma sewufikile echosheni lentaba, ilapho ke uyoqala ukunyuka.

Kuthi uma umhlaba sewulanda izitho zomzimba wakho, kulapho ke uyodansa khona okwangempela.

Manje kwasekuyisebusuku, u-Almitra obonayo wathi:

## Lubusisiwe lolu suku nale ndawo nomphefumulo wakho okhulumile

Waphendula wathi:

Bekuyimina yini okhulumile, bengingeve nami ngiwumlaleli futhi?

Wabe esehla izitebhisi zethempeli futhi bonke abantu bamlandela. Waze wafika emkhunjini wakhe wama esicabeni sawo umkhumbi ebheke ngakubantu futhi waphakamisa izwi wathi:

Bantu base Ofalese, umoya uthi anginishiye, mina angijahanga kakhulu kunomoya kodwa kufanele ngihambe.

Thina bantu abazulayo sihlale sifuna yona ndlela enesizungu, asiluqali usuku lapho siqede khona olunye, futhi akukho kuphuma kwelanga okusithola lapho ukushona kwelanga bekusishiye khona.

Noma ngabe umhlaba ulele thina siyazula.

Siyizimbewu zomuthi okhuthele, kusekuvuthweni kwethu nasekugcwaleni kwenhliziyo lapho esinikezelwa emoyeni sihlakazwe.

Bezimfishane izinsuku zami phakathi kwenu, futhi abe mafishane kakhulu

namazwi engiwakhulumile, kodwa makwenzeka izwi lami liya lishona ezindlebeni zenu, kanye nothando lunyamalala ezinkumbulweni zenu, yilapho ke engiyobuya futhi.

Futhi nginenhliziyo ecebile kanye nezindebe, engikukhulumayo kobekuyiloko okuvumelana kakhulu nomphefumulo.

Yebo ngiyobuya ngegagasi noma ngabe ukufa kungangifihla, nokuthula okukhulu kungongamele, ngiyobuya futhi ngizofuna ukuqonda kwenu.

Angeke futhi ngifunele obaleni. Uma loku engikushilo kuyiqiniso, lelo qiniso liyoziveza ngezwi elicacile futhi ngamazwi asondelene kakhulu nemicabango yakho.

Ngihamba nomoya bantu base Ofalese (*Orphalese*) kodwa hhayi phansi lapho kungekho khona lutho.

Futhi uma lolu suku lungesona isigcwaliselo sezidingo zakho kanye nothando lwami, yenza ke ukuthi kube isithembiso sokuthi kuze kube olunye usuku.

Izidingo zomuntu ziyashintsha kodwa hhayi uthando, uthando lwakhe noma izifiso zokuthi uthando lwakhe lwanelise izidingo zakhe.

Yazi ngalokho ukuthi ngiyobuya ekuthuleni okukhulu.

Inkungu ehlehlayo ngokufika kokusa le eshiya nje amazolo ezinsimini, izophakama iqoqane ibe yifu bese futhi iwela phansi seyiyimvula.

Hhayi ukuthi nami bengihlukile kunenkungu. Ekuthuleni kobusuku ngihambile emigwaqweni yenu, futhi umoya wami usuke wangena ezindlini zenu ngisho nokushaya kwezinhliziyo zenu bekusenhliziyweni yami, umphefumulo wakho phezu kobuso bami ebusweni bami futhi benginazi nonke. Bengiyazi injabulo nobuhlungu benu, futhi ekulaleni kwenu amaphupho

enu bekungamaphupho ami. Esikhathini esiningi ngangiphakathi kwenu, idamu phakathi kwezintaba.

Ngafanisa iziqongo ezikuwena kanye namajiko amawa, ngisho nemihlambi edlulayo eyimicabango nezifiso zakho.

Ekuthuleni kwami kwafika uhleko lwezingane zakho, emifudlaneni nasekuhaleni kobusha bakho emifuleni.

Ekuthe mabebufica ubunzulu bami, imifudlana kanye nemifula ayikakayeki ukucula.

Kodwa okusanambitheka kunohleko, kanye nokukhulu kunokuhala, kuze kumina.

Bekuyiloku okungavimbeki kuwena, indodenkulu lena kuyona nonke eniyigobolondwana nemisipha yayo.

Yena lona ekuhubeni kwakhe konke ukucula kwenu kuba ukugquma nje nokufutha okungenamsindo.

Kukuleyo ndodenkulu lapho wenziwa mkhulu wena. Kusekubambeleleni kuye lapho engakubamba khona ngakuthanda. Amaphi lamabanga uthando olungeke luwafice, lawo angekho esikhundleni esikhulu?

Eyiphi lemibono, lemidlinzo, okuphi lokungabaza okungaphaphalazisa leyondiza?

Njengomdondoshiya wesihlahla somuthi esigcwele izimbali ze-apula, injalo ke indodenkulu ekuwena.

Ubukhulu bakhe bukunamathisela nomhlaba, iphungelimnandi lakhe likuphakamisela emkhathini, bese kuthi ekongekeni kwakhe wena awusoze wafa. Sewake watshelwa ukuthi ngisho njengeketanga, uyintekenteke efana nentekenteke yalelo khongco elixhumeke kuwena. Loku kuyingxenye yeqiniso ngoba futhi unamandla alingana nesikhondlakhondla sekhongco elixhumeke kuwe. Ukuzikala ngezenzo ezincane ukwahlulela amandla olwandle ngokuntengezela kwegwebu lalo.

Ukuzahlulela ngaloko ohluleke kuko kuyefana nokulahlela icala phezu kwezigceme zonyaka ngokuguquka kwazo.

Yebo unjengolwandle futhi noma imikhumbi egxilisiwe phansi kanzima ilinde igagasi ogwini lenu, kodwa ngisho njengolwandle awusoze wakwazi ukujahisa amagagasi akho.

Njengezigceme zonyaka nawe unjalo.

Noma ebusikeni bakho uyenqabela intwasahlobo yakho, kodwa intwasahlobo icambalele phakathi kwakho, iyamamatheka ebuthongweni bayo futhi ayikhathazeki ngaloko.

Ungacabangi ukuthi ngisho lezinto nje khona nizothi komunye nomunye "usincome kahle, ubone ubuhle kithina" ngikhuluma kuphela kinina ngamazwi aloko nina uqobo enikwaziyo ngemicabango.

Bekuyini ukwazi igama kungeve kuyisithunzi solwazi olungenamagama?

Imicabango yakho kanye namagama ami kungamagagasi avela ezinkumbulweni ezikhiyelwe ezigcina umlando ngezolo lethu. Kanti futhi nangezikhathi zasendulo lapho umhlaba wawungasazi futhi kwasawona ungazazi.

Nobusuku lapho umhlaba ubambeke phezulu ukudideka.

Abantu abakhaliphile bezile kuwena ukukunika inhlakanipho yabo.

Ngize ukuzothatha enhlakaniphweni yakho, bheka sengithole loko okukhulu kunenhlakanipho.

Umlilo womphefumulo ongaphakathi kuwena lona ohlale uziqoqela uqobo lobuwona kuwena uqobo.

Ngaleso sikhathi wena awunakanga ukukhula kwawo, uhlale ukhala ngokubuna kwezinsuku zakho.

Impilo ihalela impilo emizimbeni, yona lena esaba ithuna, kanti awekho amathuna lana.

Lezi zintaba nalawamathafa kuyizinsika kanye netshe lokuqhwakela.

Njalo uma ngabe udlula ensimini lapho walalisa khona amathongo akho, bukisisani kahle ngalapho niyozibona nina kanye nezingane zenu nidansa nibambene ngezandla.

Eqinisweni ukuthi, nihlale niyenza Injabulo nibe ningazi.

Abanye bezile kuwena ngezegolide izethembiso.

ezenziwe okholweni lakho, unikelile ngale kokuceba, ngale kwamandla kanye nodumo.

Okungaphansi kwesithembiso engikunikeze kona kodwa ube nomusa kumina.

Unginike ukunxanwa okujulile kokunxanelwa impilo. Ngokuseqinisweni asikho isipho emntwini esidlula loko okuphendula zonke izinhloso akhe zibe ukomisa izindebe, kanye nayo yonke impilo ibe impophoma.

Futhi kuloku, ilapho ekulele khona udumo kanye nomkomelo wami wokuthi noma yinini mangifika empophomeni ngizophuza ngithole amanzi empilo, kwasawona uqobo lawomanzi enxaniwe, angiphuze nami ngibe ngiwaphuza.

Abanye benu bangibona njengoziqhayisayo kanye nonamahloni ukwamukela izipho. Yebo ngiphakeme kakhulu impela ukuthi ngingathola umholo, kodwa hayi izipho.

Futhi noma sengake ngadla izithelo phakathi kwezintaba lapho wena bewungangenza ngihlale esingungwini sakho futhi ngaze ngalala nasemnyango wethempeli lapho wawungangipha uphahla ngentokozo.

Kodwa kwakungesikhona lokuqaphelisisa kwakho ngothando kwezinsuku nobusuku bami obabenza ukudla kube mnandi

emlonyeni wami, bese kuzungeza ukulala kwami ngemibono.

Ngaloku ngiyakubusisa kakhulu.

Uphana kakhulu kodwa ube ungazi nokuthi kukhona ophisane ngako.

Eqinisweni ukulunga okuzibuka ububona esibukweni bujika bube itshe.

Nesenzo esihle esizibiza ngamagama athandekayo siba umzali wesiqalekiso.

Abanye benu bangibiza ngomuntu ozihlukanisayo kwabanye, bethi ngidakwe isizungu sami. Nawe uye wathi "ubamba imbizo nezihlahla kodwa hayi nabantu".

"Uhlala yedwana phezu kwamagquma abuke ezansi edolobheni lethu.

Kuyiqiniso ukuthi ngiwanyukile amawa, ngahamba ezindaweni ezingamaqele.

Ngabe ngakubonela kanjani ezindaweni eziphakeme? Noma ezindaweni ezikude? Angaba kanjani umuntu seduze ngaphandle kokuthi abe kude.

Abanye phakathi kwenu bangibiza hhayi ngamagama futhi baze bathi:

Mfokazi, mfokazi, wena othanda izinto eziphakeme okungafinyenyelekiyo, uhlalelani ezindaweni lapho izinyoni njengoKhozi ezakha khona izidleke zazo.

Wena ukufunelani okungatholakali? Eziphi lezi ziphepho ongazicupha enethini lakho?

Kanti futhi iziphi lezinyoni ezisisa umusi ozizingelayo esibhakabhakeni? Woza ube munye nathi, dilika wanelise ukulamba kwakho ngesinkwa sethu, uthobe ukunxanwa ngewayini lethu. Ekubeni bodwa ngemiphefumulo yabo

basho zonke lezinto, kodwa ukuba ububodwa babo bebujulile ngabe bazile ukuthi ngifuna kuphela imfihlo yenjabulo yakho nobuhlungu bakho.

Ngangizingela ubumina obukhulu lobu obuhamba esibhakabhakeni kodwa ke umzingeli naye waye ngumzingelwa. Ngoba emininingi imicibisholo yami eyashiya uthi lwami ngoba ithi iyofuna ibele lami. Nokundizayo kwakuwokukhasayo futhi, ngoba zathi izimpiko zami zinganwebeka elangeni, isithunzi phezu komhlaba kwaba esonwabu, kanti nowayekholelwa wayengumngabazi futhi.

Ngoba kukaningi ngifaka iminwe yami ezilondeni zami ukuze ngibe nokukholelwa okukhulu kuwe kanye nolwazi olukhulu ngawe.

Kungenxa yalokukholelwa nalolulwazi engilushoyo ukuthi anivalelekanga emizimbeni yenu, aniboshelelwanga ezindlini zenu noma emasimini. Loko okuwuwena kuhlala phezu kwezintaba kuzula zula nomoya.

Awuyona into ekhasela elangeni ifuna imfudumalo noma into emba imigodi ebumnyameni ifuna ukukhululeka. Kodwa uyinto ekhululekileyo, umphefumulo ombathise umhlaba ohamba emkhathini.

Uma lamazwi kungamazwi angasho lutho kuwe, ungafuni ukuzama ukuwacacisa.

Ukungazwakalisisi kanye nokungabonakalisisi ukuqala kwazo zonke izinto, kodwa akusikhona ukuphela kwazo. Futhi ngiyadinga ukuthi ungikhumbule njengesiqalo.

Impilo kanye nako konke okuphilayo kuzalelwe enkungwini hhayi etsheni i-khristal.

Ubani owaziyo, kanti mhlawumbe itshe i-khristali iyinkungu eya ekuboleni?

Loku ngiyokwenza ukuthi ukukhumbule ekukhumbuleni mina.

Yazi ukuthi loku okungathi kubuthakathaka nokumangele kuwena, yikona okuqinisekile nokuphokophele kuwena.

Akusiwona umphefumulo wakho ophakamise waqinisa isakhiwo samathambo akho?

Futhi akulona iphupho, leli ekungekho noyedwa kinina okhumbula ukuliphupha, leli elakhe idolobha lenu laze labulunga konke okukulona.

Uma ungabona amagagasi alowo mphefumulo kophela ukubona konke okunye.

Uma ungezwa ukuhlebeza kwephupho asoze wezwa omunye umsindo.

Kodwa awuboni futhi awuzwa, futhi kulungile.

Lolu lwembu oluvalele amehlo akho luyosuswa isandla esaluthunga.

Kanye nobumba olugcwalise izindlebe zenu luyogqobhozwa iyona leyo minwe eyayilixovile bese uyabona

futhi uzobe sewuyezwa.

Kodwa lapho awusoze wakhalela ukukwazi ukungaboni, noma uzisole ngokungezwa.

Ngoba ngalolu suku uyokwazi izidingo zezimfihlo kuzona zonke izinto.

Uyobusisa ubumnyama ngendlela efanayo uma ubusisa ukukhanya.

Emva kokusho konke loku wabuka eduze kwakhe wabona umqhubi womkhumbi wakhe emile ngase siqondisweni somkhumbi, manje uma esebuyekeza uhambo lwakhe esebukela kude wathi:

Isineke phezu kwesineke uyena uKapteni womkhumbi wami.

Umoya uvunguza nohambo olungenampumulo, ngisho inkomba nayo isizicelela ukuyalelwa.

Kodwa buthule uKapteni ulindela ukuthula kwami kanye nalamatilosi ami asebeyizwile ikwaya yolwandle olukhulu, nabo sebengizwile ngesineke manje angeke besalinda

Sengilungile!

Umfudlana usufikile olwandle, futhi kwaphinda loko, ukuthi umama omkhulu wayibambela esifubeni sakhe indodana yakhe.

Salani kahle bantu base Ofalese, lolu suku seluphelile, kuyavaleleka phezu kwethu njengembali yamanzi phezu kwekusasa layo. Esikunikiwe thina namhlanje sizokugcina. Futhi uma kunganelanga sesiyophinda futhi sihlangane, ndawonye silule izandla zethu sizilulele kumuphi, nize ningakhohlwa ukuthi ngiyobuyela kinina futhi.

Isikhashana nje ukufisa kwami kuzohlanganisa uthuli namagwebu kwenze omunye umzimba.

Isikhashana nje, isikhathi sokuphumula emoyeni, bese omunye unkosikazi uzongizala.

Ngiyavalelisa kinina kanye nobusha engibuchithe kanye nani. Bekuyizolo lapho esahlangana khona ephusheni. Ungiculele esizungwini sami nami ngezifiso zakho ngakha umbhoshongo esibhakabhakeni.

Kodwa manje ukulala kwethu kubalulekile futhi namaphupho ethu aphelile, kanti futhi akuselona uvivi lokusa

Igagasi lantambama seliphezu kwethu kanti nalokuvuka kwethu okungaphelele sekujike kwaba oluphelele usuku futhi sekumele sihlukane.

Uma ekuhwalaleni kwenkumbulo kumele sihlangane futhi sizokhuluma futhi ndawonye, uyongiculela iculo elijulile. Futhi uma izandla zethu kumele zihlangane kwelinye iphupho siyokwakha omunye umbhoshongo esibhakabhakeni.

Washo kanjalo wabe esayinela indoda yolwandle ngaleso sikhathi bakala ihange basebededela umkhumbi ukuthi ukhululeke ezindophini eziwubophelele.

Basuka balibhekisa ngaseMpumalanga. Isikhalo esavela kubantu saba ngathi sivela enhliziyweni eyodwa, sasho sanyukela ngokuhlwa wabesewuthutheleka olwandle umkhumbi njengelikhulu icilongo.

U-Almitra kuphela owazithulela ezithele njo ebheke ngasemkhunjini kwaze kwabe uyanyamalala enkungwini. Kwathi futhi uma bonke abantu sebehlukaniswa, wama yena wathi ntse eyedwa phezu kodonga lolwandle, ekhumbula enhliziyweni yakhe ukusho kwakhe uMphrofethi uma ethi:

"ISIKHASHANA NJE, UMZUZWANA WOKUPHUMULA PHEZU KOMOYA, BESE OMUNYE UNKOSIKAZI ANGIZALE.

